


# IMPI ENKULUKAZI

## KWESEZAKE ZALIWA

 Ngiyabonga, Mfowethu Orman. INkosi ikubusise.

<sup>2</sup> Amavuko, bangane. Ngiyajabula ukuba lapha njalo lokhu kusa, futhi kungazathi kungakhangelelwanga kancane, ngiyacabanga, kimina uqobo, futhi ngileqiniso kungabanjalo lakulo ibandla. Futhi nje bengibala futhi . . . Ngiyabonga, dade. Futhi nje iNkosi ikhangeleke ibeka into encane enhliziyweni yami, ukuyiletha eBandleni, futhi ngicabange ukuthi yisikhathi sokukwenza. Futhi khathesi lokhu . . .

<sup>3</sup> Lapho ngifika, futhi-ke ngingazi sizakuba lapha kuliSonto, ngimemezele ukuthi ngilo—ngiloMbiko weBandla. Futhi ngifuna uku, nxa uNkulunkulu ethanda, ukuletha luMbiko iSonto elandelayo. Futhi kuzakuba lesikhathi eside, ngakho-ke, mhlawumbe akuyikuphunywa kungakatshayi eletshumi lambili lengxenye, elokuqala nta, mhlawumbe, nxa khona ngalesosikhathi. Ubusenhliziyweni yami okwesikhathi eside, futhi ngicabanga ngilomlandu ebantwini ngempendulo kungani beningaphitsheki enkundleni. Futhi ngitshumayele yonke indawo ngakho, kodwa ngiqinisekile akuzange kufike kuhle lapho obekufanele kube khona. Ngakho ngicabanga, iNkosi ithanda, iSonto elandelayo, ngifuna ukuthatha nje isikhathi sami futhi ngikubeke sobala, isizatho sokuthi kungani, futhi ngilazise, ngokoMbhalo, okwenzakalayo, bona, lokuthi kumayelana ngani. Ngoba, ngizabe ngisiya phetsheya kolwandle kumbe kwenye indawo masinyazane. Ngilindele khathesi ukubona ukuthi yiphi indlela Yena azangibiza ukuthi ngiyihambe. Edluleyo . . .

<sup>4</sup> Phose ubusuku obuthathu obedluleyo, kumbe ubusuku obubili, ngatshayelwa ucingo phose phakathi kobusuku; futhi kwakuyikukhulekela omunye wesifazane owayesesibhedlela. Futhi bangibiza, futhi bathi, “Khuleka.” Futhi ngiyakhohlwa ibizo lelo abangipha lona, ukuthi . . . Bathi kwakungumngane kuNkz. James Bell, udadewethu lapha ebandleni, udade onsundu, othembeke kakhulu, owesifazana olungileyo. Ngiyakholwa ibizo kwakunguShepherd, engaliphiwayo. Ngakho ngaphuma embhedeni futhi ngaguqaphansi, futhi—futhi ngatshela umkami. Ucingo lukhala, lwamvusa. Futhi ngathi, “Kufanele sikhulekele uNkz. Shepherd, udade ofonileyo, ungumngane kaNkz. James Bell.” Ngakho samkhulekela, sabuyela njalo embhedeni.

<sup>5</sup> Ngakho-ke zisiya phose kweletshumi kumbe itshumi lanye nta, usuku olulandelayo, ngathola ucingo njalo. KwakunguBilly.

Futhi wathi, kwakungayisuye Nkz. Shepherd, wathi kwakungu Nkz. Bell, ngokwakhe, hatshi umngane kaNkz. Bell. “Kwakungu Nkz. Bell, futhi usesibhedlela, uphatheke kabi sibili.” Futhi sigijimela khona esibhedlela, kodwa wayengasekho. INkosi yasimbizile uNkz. Bell, eKhaya.

<sup>6</sup> UNkz. Bell ubengumhlanganyeli lathi othembekileyo lapha ebandleni, okweminyaka. Umkakhe, uJames, lami, sasebenza ndawonye, kanye lobaba wami, iminyaka eminengi edluleyo, sigijima, phandle. . . Sasigijimisa lezo zipolo phakathi, kusukela ePennsylvania, kusiya eColgates lapha, iminyaka eminengi eyedluleyo, ngiyacabanga iminyaka engamatshumi amathathu eyedluleyo, kumbe eminengi. Futhi siyamthanda uDade Bell. Wayengumuntu omkhulu.

<sup>7</sup> Futhi ngiyazwisisa wahlaselwa kabuhlungu yisifo senyongo, futhi ba. . . Udokotela wakhe, owayesazi isifo sakhe kahle sibili, waye phandle kwedolobho kuleso sikhathi. Futhi futhi udokotela omutsha wabuya ukuzomkhangela, futhi—futhi waxwayisa ukuba ahlinzwe ngesiphangephange, futhi akazange asinde kukho. Futhi—futhi wa. . . ngicabanga owakhe. . . Ngendlela engizwisisa ngayo, ukuthi udokotela wakhe wansukuzonke ubengasoze avumele uku—ukuhlinzwa, ngoba wayekhuluphele futhi inyongo yakhe yayimbi. Futhi wayelamatshe esinyeni, ngiyacabanga, kumbe enye into phakathi kwaso, futhi—futhi iNkosi ibelesihawu. Yena wayebe lokuhlaselwa lokhu ngaphambili futhi iNkosi yayikunakekele lokho, izikhathi ezinengi. Kodwa kwenzakala nje ukuthi. . . Awu, nxa singakuletha esilinganisweni esigcweleyo, singatsho lokhu: uNkulunkulu ubembizile uDade Bell, futhi yiyo indlela obekufanelwe ithathwe ngayo, uyabona.

<sup>8</sup> Futhi lokuthi lokhu kumeqe njani Yena . . . wakuletha khona kimi, ukuthi ngacabanga ukuthi kwakunguNkz. . . . uNkosazana Shepherd. Bengingamazi uNkosazana Shepherd. Inina lingabe lilapha, lokhu kusa, futhi ngingabamazi nxa ngingamkhangela ebusweni bakhe. Kodwa, kwatshiwo ukuthi kwakungu Nkz. Shepherd. Futhi loba konke kwakwenziwe njengalokho, ukuze kuthi aluba kunga. . . Nxa bengikwazi bekungu Nkz. Bell ebekuleso simo, mhlawumbe bengizavele ngiye lapho futhi ngimnxusele. Futhi-ke, bona, ukuthi, uNkulunkulu kazange wathanda ukuthi sikwenze lokho, mhlawumbe. Ngakho, “Siyakwazi ukuthi zonke izinto lezi zisebenzela ndawonye kokuhle kulabo abathanda uNkulunkulu.”

<sup>9</sup> Futhi ngileqiniso ukuthi uDade Bell ubeyithanda iNkosi yethu. Ubengowesifazana olungileyo. Khathesi, ungomunye wethu. Phakathi lapha, asibandlululani ngombala. Imuli kaNkulunkulu kayibandlululani ngombala. Loba singabe sibomvu, abansundu, abamnyama, kumbe sinje ngethanga, akulandaba, umhlophe. Loba kuyini okuyikho, singabafowethu labodadewethu kuKhristu. Futhi-ke si—siyamthanda. Futhi

sizamkhanuka yena, ithabhanekeli. Khona ngizakhanuka, uDade Bell, labo “ameni” abakhulu, abajiyileyo, emuva le ekhoneni. Futhi ngimusa ngekhaya, wayekhuluma mayelana ngeNkosi uJesu.

<sup>10</sup> Futhi nxa ngikuzwisisa kuhle, angizange ngibekwazi kwaze kwaba yisikhatshana esedluleyo, kodwa ngiyacabanga imfa yakhe izakwenzelwa khona lapha phakathi ebandleni. [UMfowethu Neville uthi, “Kunjalo.”—Mhl.] Lolu olweSibili oluzayo ngo [“Ngelokuqala nta.”] ngelokuqala nta. Futhi ngicabanga wena lami sizaphatha umsebenzi [“Kunjalo.”] kuleyi nkongo yemfa.

<sup>11</sup> Kodwa, phakathi ebandleni nje, sesibuthakathaka ngoyedwa lokhu kusa, ekuhlonipheni uDadewethu Bell, asimeni ezinyaweni zethu okwesikhatshana nje, lapho sikhothamisa amakhanda ethu.

<sup>12</sup> Nkulunkulu wempilo, Ophayo futhi athathe impilo, njengo Jobe wakudala wathi, “iNkosi iyapha futhi iNkosi isithethe; alibusiswe lona iBizo leNkosi.” Iminyaka ethile edluleyo, Wena wathumela uDade Bell phakathi kwethu, ukuba yisakhelani kanye lathi, senhlalanhle kaNkulunkulu. Futhi siyakubonga Wena ngayo yonke imfuzelelo akade eyiyo phambi kwethu, ukuthi wayethanda ukuhlabela lokufakaza, futhi wayegcwaliswa ngoMoya aze aklabalale futhi amemeze. Futhi wayengelanhloni ngeVangeli likaJesu Khristu, ngoba, kuye, kwaKungaMandla kaNkulunkulu ekusindisweni. Sibona iminyaka yakhe isondela, futhi lesikhathi sisiza lapho okufanele sonke siphendule. Futhi Wena usumthethe phakathi kwethu, kulokhu kusa, ukuba kobaKho uBukho. Khona, kuliqiniso ukuthi, lapho sisuka lapha, sesiseBukhoneni bukaNkulunkulu.

<sup>13</sup> O Nkulunkulu, siyakubonga Wena ngakho konke. Siyakhuleka ukuthi Wena ubusise umkakhe, umngane wami, uJames; indodana yakhe, lamadodakazi akhe, bonke labo. Siyazwisisa ukuthi umfana wakhe uyaphapha evela eGermany, evela emabuthweni empi, ukubuya ekhaya, ukuzonikeza inhlonipho yokucina ayikwanisayo, lapha emhlabeni, kunina ongasekho. Ukuthi inhliziyi yalelijaha itshaya kanjani lokhu kusa. Ngiyamkhulekela, Nkosi. Nkulunkulu, umbusise. Mbusise uJimmy, futhi lokuthi yena . . . Ngimbona esebenza phandle le, ngamahola adinisayo, ukuphilisa imuli yakhe. Ngiyakhuleka ukuthi imuli enkulu ingehlukani, kodwa ivili lemuli lizabe lingephukanga kulelo Lizwe elingaphetsheya.

<sup>14</sup> Makuthi thina, Nkosi, khathesi siqinise izikhali lokubopha inkalo, okuqinileyo nje kancane, futhi siye empini khathesi, ukuyakulwa singaselaye oyedwa ebesilaye iviki edluleyo. Siyakhuleka ukuthi usigcine futhi usiqinise, futhi usisize lapho siqhubekele phambili, futhi ngolunye usuku masibuthane ndawonye njalo ngaphetsheya. Ngoba siyakucela eBizweni likaJesu. Amen.

<sup>15</sup> Manje makuthi umphefumulo kadadewethu ositshiyileyo uphumule ngokuthula. Ngithanda ukutsho lokhu ukuthi u—umngcwabo wakhe uzakutshunyayelwa lapha ngeSonto, kumbe ngolweSibili, futhi siza . . . Loba ngubani wamukelekile ukubuya lowo ozabuya. Ngiyacabanga uMfowethu Neville lapha ulezinhlelo zakhona. [UMfowethu Neville uyaqinisa—Mhl.] Futhi kade ulazo. Manje, lamhlanje, ngi . . .

<sup>16</sup> Bona, kababanengi. Aluba kungaba lesihlalo kwenye indawo esingalethelwa uMfowethu loDade Slaughter emuva le. Ngemukela ifoni yakho, Dade Slaughter, futhi ngasengisiya khulekela owakho . . . omunye uDade Slaughter, uDade Jean Slaughter eloquho lomvundla, itularemia. Umhlaasele kakubi, kodwa sithemba uNkulunkulu ukuthi uzakulunga.

<sup>17</sup> Khathesi sifuna ukubala uMbhalo othile. Futhi ngifuna nje ukufundisa lokhu kusa, ngithatha isikhathi sami, ngoba kusukela ngaphenduka ngivela phandle, eArizona, awu, umphimbo wami nje uvalekile kancane.

<sup>18</sup> Futhi khathesi, iSonto elandelayo, lingakhohlwa, futhi ngicabanga uBilly vele usethumele i—izaziso. Futhi kuzakuba yinkonzo ende sibili, siyakholwa, ngakho phangisani ukubuya lapho lisenelisa. Sifuna ukuqala, khona mhlawumbe ngelesificamunwemunye lengxenye, kumbe ngitsho, ngeletshumi nta. Futhi mhlawumbe, khumbulani, mhlawumbe elokuqala kumbe elokuqala . . . mhlawumbe, kumbe eletshumi lambili lengxenye, elokuqala nta, into enjengaleyo, amathathu kumbe amane amahola, kumbe edlulayo, engizathanda ukuwathatha, futhi nje ngithathe nje iMibhalo. Letha impenseli yakho lephepha, futhi nje sikubeke egcekeni. Kulombuzo, uwubuze—ubuza wona, uyabona, futhi mhlawumbe singakuchasisa, senze esingakwenelisa ukunceda.

<sup>19</sup> Khathesi asibaleni iMibhalo, kuqala, manje. Ngilendawo ezintathu eBhayibhilini, lezo engizathanda ukuzibala. Futhi eyokuqala yazo, nxa lingathanda ukuyibhala phansi, futhi nxa ulempenseli, ngifuna ukukhomba, lokhu kusa, endabeni ezithile lezo engizazenelisa . . . kumbe iMibhalo ethile, bengizama ukutsho, leyo engizathanda ukukhomba kuyo. Eyokuqala izakuba nguPhetro wokuQala 5:8-10, abase Efesu 6:10-17, loDanyeli 12:1-14. Manje, ekubaleni, sithatha isikhathi sethu.

<sup>20</sup> Futhi wonke umuntu phose uhlezi. Ngakho, abalutshwane abalokhe bemile, emuva laseceleni. Kodwa sizazama ukuqeda ngokuphangisa futhi silikhuphe, ngakho-ke sizakukhulekela abagulayo.

<sup>21</sup> Sile nina elincane elilele lapha lokhu kusa, eligulayo kakhulu. Ngiyazwisisa ukuthi wayegula kakhulu, izolo. Futhi be—bengifuna nje ukuthi yena azwe, lokhu kusa, kuqala, ngingakamkhulekeli. Futhi ngiyasazi isimo senina elincane. Futhi yena uyagula kakhulu, kodwa silomkhulu uBaba

weZulwini loWo onqobe ngokwedluleleyo imikhuhlane yonke. Futhi ngile e—elincinyane . . .

<sup>22</sup> Ngacela uNkz. Woods uba engakubala khona, kodwa yena—yena wayethikaza nje kancane uku—ukwenza kanjalo. Okunye okulotshiweyo, lapho udokotela wezemithi wamangala sibili. Lapho, yena wayengumchothozi ngokusiliswa kukaNkulunkulu futhi wayengavumeli loba ngubani ukukhuluma ngakho phakathi ewofisini yakhe; futhi lomongikazi wakhe, njalo. Ngakho, kwenzakala ukuba, bathola isigulane esasilomkhuhlane wemvukuzane, imvukuzane enkulu. Yena wayengafuni ukwenza ulutho mayelana layo, ngakho wasemthumela kwesinye isibhedlela. Kabazange bafuna ulutho lokokwenza ngakho, ngakho basebembuyisela emuva. Ngakhoba . . . O, kwakusebeleni, futhi kwakuyisimo esibi. Futhi sonke isikhumba sasesidliwe saqedwa. Futhi imvukuzane, yehla phansi ebeleni, yangena embanjeni. Ngithemba liyakuzwisisa lokhu engikutshoyo.

<sup>23</sup> Balomngane wethu udokotela omncinyane ovela eNorway ohlezi kanye lathi lokhu kusa.

<sup>24</sup> Futhi walungiselela zonke izinto zakhe, ngoba wathi yena uyazi ukuthi—ukuthi wayefuna ukumhliza futhi akhuphe ibele. Futhi kwakungumsebenzi okhupha igazi elinengi kakhulu. Futhi—futhi wathatha izinto zakhe zonke, yonke into. Umongikazi walungiselela inina wasemngenisa endlini okuhlinzelwa khona, futhi wasebuyela ukuyothatha izinto zokusebenzisa . . . ezazimele zisetshenziswe ngudokotela lomncedisi wakhe, ukukhupha ibele. Ngakho babelamathawulo lezinto phezukwakhe. Futhi basebeqala . . .

<sup>25</sup> Lapho yena eqala ukutshibilika, umkakhe wayefuna ukubakwazi nxa yena wayengahlala ekucineni kwendlu futhi akhuleke. Wayengumtshumayeli wobungcwele. Futhi wahlala lapho eseceleni ngasezinyaweni zombheda, futhi ekhuleka. Ngoba, udokotela wayenga suthisekanga kahle ngalokho, uyazi, yena ephakathi lapho. Kodwa nxa wayengasoze akhangele, futhi khona kungasoze kumphazamise, kungani, “ngithemba khona kwakulungile; wayengasoze—wayengasoze aqaleke.”

<sup>26</sup> Ngakho lapho esahlezi, ekhuleka, nanko kusiza umsindo endlini. Futhi udokotela watshibilika ukuthi ahambe e . . . kanye lezikhali zakhe, ukuqala ukukhupha ibele. Yena wasusa ipheki ngemva kwepheki. Kwakungela ngitsho inxeba phezu kwebele; ngitsho loba inxeba. Yena wathi, “Kuya—kuya . . . Khona kuya hamba na?” Futhi yena waqala . . . Futhi umongikazi wapha ubufakazi bakhe. Bonke bobabili baphume phandle futhi baba ngamapentekhosti, agcwaliswe nguMoya oNgcwele, beyikhonza iNkosi. Ngitsho lenxeba!

<sup>27</sup> UDokotela uHolbrook wafakaza, ngokwakhe, wathi, “Umzuzu owodwa ngaphambilini lapho, nango lapho owe—owesifazana elele lapho, lomongikazi, lemvukuzane enkulu

iphutshale phandle ebeleni lakhe. Futhi umzuzu owodwa olandelayo, kwakungela ngitsho inxeba lapho eyayikhutshwe khona.” Lowo ngomunye wabahle odokotela bemithi lapha eMelika. Yena wathi wasuthiseka khona lapho. Futhi yena, lobanjalo, wayengumdikoni ebandleni. Bona?

<sup>28</sup> Bona, abantu bacabanga nje ibandla ngenye into ophongukuya kiyo nje, futhi ku, “O, uhamba lapho ukuyafunda ukuba ngolungileyo, kumbe enye into engaba njalo.” Lokho kayisikho, mngane. Hatshi. UNkulunkulu nguNkulunkulu. Yena umkhulu lamuhla njengalokhu Yena ayeyikho, lazakubayikho. Futhi Yena uzahlala kokuphela engofanayo. Futhi Yena uyi. . . Siyamthanda nje Yena.

<sup>29</sup> Manje, sifuna ukubala khathesi okuvela kuPhetro wokuQala, isahluko 5, indima 8 lo 10, siqalisa.

*Qondanini, . . . lilinde; ngoba isitha senu udeveli, . . . isilwane esibhongayo, siyahambahamba, sidinga lowo esingamudla:*

*Limelane laye liqinile e . . . kholweni, lisazi ukuthi zona lezonhlupheko zehlela abazalwane benu abasemhlabeni.*

*Kodwa uNkulunkulu womusa wonke, osibizele enkazimulweni yakhe elaphakade ngoJesu Khristu, emva kwalokhu selihluphekile okwesikhatshana, aliphelelise, aligxilise, aliqinise, futhi alisekele.*

<sup>30</sup> UNkulunkulu umele adunyiswe kanjani! Manje eBhukwini labase Efesu. Sizathanda ukuvula lapha eBhukwini labase Efesu, isahluko 6, futhi sizathanda ukubala indima 10 kusiya ku 17, engiyimakileyo lapha.

*Elokucina, bazalwane bami, qinani eNkosini, lasemandleni ayo amakhulu.*

*Hlomani izikhali zonke zikaNkulunkulu, ukuze libe lamandla okumelana lobuqili bukadeveli.*

*Ngoba kasibindani lenyama legazi, kodwa simelana lemibuso, simelana lamandla, simelana lababusi bobumnyama bomhlaba—balumhlaba, simelana lemimoya yobubi ezindaweni eziphezulu.*

*Ngakho hlomani ngokwenu izikhali zonke zikaNkulunkulu, ukuze lenelise ukuma osukwini olubi, . . . selifeze konke, lime.*

*Ngakho manini, inkalo zenu zibotshiwe ngeqiniso, . . . lifake isivikelo sesifuba sokulunga;*

*Futhi lezinyawo zenu zigqokisiwe kukho ukulungela ukutshumayela ivangeli lokuthula;*

*. . . Phezu kwazo zonke izinto, . . . isihlangu sokholo, elizakuba lamandla okucitsha ngaso yonke imitshoko evuthayo yomubi.*

*Thathani ingowani yosindiso, lenkemba kaMoya, eyilizwi likaNkulunkulu:*

<sup>31</sup> Manje khona eBhukwini likaDaniyeli, ngizathanda ukubala okunye futhi. Manje, uDaniyeli isahluko 12. Ngifuna ukuqala ku 1, futhi ngibale i—ingxenyane ende yalokhu, indima ezilithumi lane.

*Futhi ngaleso sikhathi...UMikhayeli uyakuma, umbusi omkhulu omela abantwana babantu bakho: futhi kuzakubakhona... isikhathi sokuhlupheka, esingakaze sibe khona kusukela lapho kwaba lesizwe kuze kube yilesosikhathi: futhi kuleso sikhathi abantu bakho bazakukhululwa, bonke abazakutholakala belotshiwe ebhukwini.*

*Labanengi abaleleyo othulini lomhlaba bazavuka, futhi abanye empilweni engapheliyo...labanye bavukele ihlazo lokunengwa okungapheliyo.*

*Lababo abahlakaniphileyo bazakukhanya njengokukhazimula kwesibhakabhaka; lababo abaphendulela—abaphendulela abanengi ekulungeni njengenkanyezi kuze kube nini lanini.*

*Kodwa wena, O Daniyeli, vala i—vala i...bhuku, kuze kube sesikhathini sokucina: abanengi bazazulazula baye le lale, lolwazi luzakwandiswa.*

*Futhi mina Daniyeli ngakhangela, futhi, khangela, lapho kwakumi abanye ababili...omunye engangapha kokhumbi lomfula, lomunye ese...kwelinye icele lokhumbi lomfula.*

*Futhi omunye wathi kulowo ogqoke ilineni, owayephezu kwamanzi omfula, Kuzakuba nini ukuphela kwalezi ezazi...izimangaliso?*

*Futhi ngezwa indoda egqoke ilineni, eyayingaphezu kwamanzi omfula, lapho ephakamisa isandla sakhe sokunene lesandla sakhe sokhohlo ezulwini, futhi wafunga ngaye ophila nini lanini ukuthi kuzakuba ngokwesikhathi, isikhathi, lengxenyane; futhi lalapho eseqedile ukuhlakaza amandla abantu abangcwele... izinto lezi zizabe seziphelile.*

<sup>32</sup> Ngiyakholwa ngizakuma khona lapho. Ngifuna ukuthatha isihloko sendaba, nxa singabizwa ngokuthi yisihloko sendaba kulokho, kuvela kulokho, ukuletha lesisiphetho sokuthi: *Impi Enkulukazi Kwesezake Zaliwa*. Yikho engufuna ukukusebenzisela isihloko sendaba.

<sup>33</sup> Manje, ukuthi ngize njani ukubamba lesisihloko sodaba lolu lokhu kusa: Sisanda nje ukuphenduka; abaphathi bemali, lapha khona ebandleni, futhi lami, sasiphandle eArizona. Futhi saphuma, sibili, ukuyakuba lomhlangano ePhoenix, kanye

loMfowethu uSharrit, ethabhanekelini lakhe. Kodwa ngithe ngithola ukuthi u—umfowethu ubesedolobheni, esiba lezinkonzo ethenteni, awu, ngakho ngasengisizwa ngithikaza kancane mayelana ngokubamba umhlangano. Ngacabanga mhlawumbe ngizakuba layo ngeSonto emini, ngakho ukuze kungabi loyedwa ozahlupheka emabandleni abo. Kodwa, ngasengithola khona, ukuthi wayelezinkonzo zangeSonto emini, laye. Futhi ngaye ngi—ngikhathazekile kancani mayelana ngokuba lenkonzo.

<sup>34</sup> Futhi ngakho thina bazalwane, kulokuthi siqhubeke usuku lonke, lapho sasiphumile sizingela, sahamba edolobheni, khona salungiselela, futhi sasisisiya kuMfowethu Allen ezinkonzweni zakhe. UMfowethu A. A. Allen wayelezinkonzo. Ngakho saya ezinkonzweni, futhi uMfowethu Allen watshumayela intshumayelo elamandla. Saba le—lesikhathi, isikhathi esihle, silalele kuMfowethu Allen, sisizwa a—abahlabeleli, lokunjalo, ukuba babehlabela kanjani, futhi bememeza, futhi saba lenkonzo enkulu.

<sup>35</sup> Futhi-ke sibonile, yonke indlela, isandla seNkosi. Loba ngaphi esaya khona, iNkosi uJesu yayihlangana lathi. Futhi kulenye into mayelana lokuphuma ube wedwa, phandle ehlane. Kukhona enye into mayelana ngakho, ukuthi nxa ungaba wedwa ngaleyo ndlela, kulenye into ekudonsayo. Lokhu, ngiyacabanga, kungesizatho esisodwa ngithanda lezo zindawo phandle. Uyasuka lasemandleni esitha, ikakhulu njengalokhu silakho lapha.

<sup>36</sup> Udeveli phose kala kulimaza ngaphandle engaba lenye into yokusebenza ekuyo. Yena ule...Liyakhumbula labo odeveli abaxotshwa kuLegiyoni? Babe le...babefuna ukwenza ubugangi obunengi, ngakho babefuna ukuya phakathi kwengulube. Ngakho, odeveli kumele babe lenye into yokusebenza bekuyo, umuntu wokusebenza bekuye.

<sup>37</sup> Futhi yiyo indlela uNkulunkulu enza ngayo, laye. Yena kumele abe lathi. Yena uthembe thina, ukusebenza ngathi.

<sup>38</sup> Futhi abanengi babuya lapho sisehambweni, kanye lamaphupho. Futhi iNkosi uJesu kazange wehluleka kodwa wanikeza incazelo ngokuqondileyo, futhi nje kube yilokho, khona kanye nje ngaleyo ndlela.

<sup>39</sup> Futhi njalo Yena waba muhle kithi, ukusikhokhelela enyamazaneni lokusitshela lapho ezikhona. Futhi, uyazi, ukubakhona nje njengalokho, khona kuyamangalisa nje. Sihleli lapho, ubusuku, ngasemlilweni wesihonqo, khatshana lomuntu wonke, okwama mayila lama mayila, futhi sikhangele u—ukubhehhezela komlilo wesihonqo ematsheni agombolozeleyo. Futhi, o, kwakukuhle sibili!

<sup>40</sup> Omunye umfowethu lapho, obekade esiba lohlupho lomkakhe, owayele...Iminyaka edluleyo, waphakamisa ikhanda lakhe emhlanganweni, lapho khona engangisiba



lezinkonzo. Futhi ngangibacele ukuba babe bekhothamise amakhanda abo phansi; bekulomoya omubi owawungavumi ukutshiya o—owesifazane, kuplatifomu. Futhi inina, lingelanhlonipho nje, waphakamisa ikhanda lakhe kungenani. Futhi umoya watshiya owesifazana, kuplatifomu, futhi waya kuye. Futhi lokhu kuseminyakeni engaba litshumi lane, futhi inina libelisesimweni esibi; kakhulukazi, lasengqondweni, laze lenza nje izinto ezingalunganga lokulunga. Njengalokhu, watshiya indoda yakhe, wahamba futhi wathathana lenye indoda lapho esahlala lendoda yakhe; watsho ukuba ubengakwazi ukuthi ukwenzile. Futhi ba—bazama ukumhlola okwalokhu. . . Kuyini lokhu elikubiza ngakho, nxa wena. . . Ukungazi ukuthi wena ungubani? Khona. . . Minabo, loba lelobizo liyini. Ngicabanga lokhu kuqondile, dokotela. Kodwa kwakungeyisikho lokho. Kwakungumoya. Futhi okwakhe. . . Futhi inina lalingumngane wami olungileyo. Kodwa kusukela lobo busuku, kusiya phambili, wangizonda ngamabomo. Yeboke, uyabona kungani kwakunjalo.

<sup>41</sup> Kodwa kwathi indoda yakhe isibuyile, futhi saguqa endlini ukukhuleka, lapho-ke uMoya oNgcwele wehla phansi. Kwaba yikho. Ngakho Yena wasebonakala endodeni yakhe lobo busuku, ephutshweni. Yena waphenduka kanye lephupho, yena wacabanga ukuthi kwakuyikusoma. Weza wafumana, kwakuyiyona kanye impendulo yokusiliswa komkakhe. Khona uMoya oNgcwele wenza kanjani umsebenzi!

<sup>42</sup> Kusehla kusiza eTucson, kanye loMfowethu uNorman futhi labanye, futhi lapho iNkosi yaqala ukusebenza njalo ngezinto ezinkulu, ezilamandla futhi lokwambula izinto.

<sup>43</sup> Obunye ubusuku, okwangiletha kulesi isiphetho lapha, ngangimile ngiloMfowethu uWood loMfowethu Sothmann. Futhi sasi. . . Kwakungaba ngeletshumi nta ebusuku, futhi ngangikhangele phezulu esibhakabhakeni, futhi ukwesaba okukhulu kweza phezu kwami. Futhi ngathi, “Khangela nje! Yonke leyompi enkulu, yasamazulwini!” Futhi ngathi, “Yonke into isekuvumelaneni ngokupheleleyo.”

<sup>44</sup> Futhi uMfowethu uWood wathi, “Ukhangele inkanyezi ezincinyane ezimbili ziseduzeduze ndawonye, lokho, kwakwenza kwakhangeleka njengokukhanya.”

<sup>45</sup> Ngathi, “Kodwa, uyazi, Mfowethu Wood, mayelana ngesayensi, kulelo Xuku lenkanyezi, iXuku eliNcane lenkanyezi, iXuku eliKhulu lenkanyezi, inkanyezi lezo azikhangeleki ukwedlula phose ama intshi amabili ukutshiyana; futhi zikhatshana enye kwenye ukwedlula thina kuzo. Futhi nxa bezingaqala ukuza kulumhlaba, kungathatha, ngezinkulungwane zamamayila ngehola, kungathatha amakhulu lamakhulu eminyaka ukuze zifike emhlabeni.” Futhi ngathi, “Kulo lonke lolu olukhulu, uhlelo olubanzi kakhulu lapha, futhi kunjalo basitshela ukuthi bakhangela ngengilazi,

babona iminyaka eyizigidi ezilikhulu lamatshumi amabili eminyaka yesikhathi sokukhanya, khona lapho; futhi lokhe kusaselezinyanga futhi lezinkanyezi. Futhi—futhi, kunjalo, uNkulunkulu wazenza zonke. Futhi Yena uhleli phakathi kwazo.”

<sup>46</sup> Futhi ngathi, “Kwenye indawo phakathi lapho, ngangizikhombele mina lapho, kwesinye isikhathi phakathi kwesibonakude somkhathi, izodiyaki; iqala ngeNtombi, kukhwela kusiza kuSikhathi seMvukuzane, futhi kusehla kwaze kwathi okokucina kwakuyisilwane, Leo isilwane. Ukubuya kokuqala kukaKhristu, ngentombi; ukubuya kwesibili, ngeSilwane sesizwe sakoJuda.” Futhi ngathi, “Ngizamile ubungcono bami ukubona leyo zodiyaki, futhi angikwanisi ukuyibona. Kodwa, kunjalo, ikhona. Labo abafundisiweyo, bayakwazi ukuthi ikhona. UJobe wayibona. Abantu babe vame ukuyikhangela. Yaye iliBhayibhili, kolunye usuku. Kodwa kulobu ubukhulu bezigidi lamabhiliyoni e—eminyaka yokukhanya, uNkulunkulu uhlala phakathi kwakho konke, futhi Yena ukhangele phansi. uPhawuli uphakathi khonapho. Umama wami uphakathi lapho, kwenye indawo, ekhangele phansi.”

<sup>47</sup> Futhi ngacabanga ukuhleleka kwesixuku esikhulu emazulwini, akula lokukodwa okuphandle kwendawo. Konke kugcina isikhathi sakho, ngokupheleleyo. Ibutho likaNkulunkulu elikhulu! Ngacabanga ngamasotsha; ukuthi lapho nxa inyanga leyo ingenzakala ukuphuma ehlelweni, umhlaba ungambozwa njalo ngamanzi, ngemizuzu emilutshwana nje. Umhlaba ungaba njengalokhu owawuyikho lapho uNkulunkulu ekhetha ukuwusebenzisa, ukuze abelathi lapha kuwo. “Wawungela simo, futhi ungelalutho, futhi lobumnyama, lamanzi ayephezu kobubanzi bomhlaba.” Futhi nxa leyo nyanga ingathi inyikinyeke, kuza kwenza into efanayo njalo. Lapho inyanga itsheda kancane kude lomhlaba, ukuhlelela lokuphakama kolwandle kuyabuya lapho. Lapho isiya phansi, ilandela ukwehla lokuphakama kwamanzi. Libutho likaNkulunkulu elikhulu. Futhi lapho ngicabanga mayelana nge . . . lokhu kulibutho likaNkulunkulu elikhulu lapho . . .

<sup>48</sup> Manje, saya lala. Futhi-ke ngaqala ukucabanga ukuthi akula lokukodwa kwalokhu okuphuma endaweni yakho. Konke kuhlezi endaweni. Futhi nxa kukhona ukunyikinyeka, loba ngaphi, kuzo, kungokwesizatho, futhi kuzaphazamisa lumhlaba. Siyabona nje impumela yakho khathesi, kuvela kwezinye zazo zisiya kwezinye izindawo zazo. Kulalokho okukwenzayo. Kuphazamisa into yonke.

<sup>49</sup> Futhi ngacabanga, ngakho-ke, nxa lawo mabutho amakhulu emazulwini, kunjalo, kumele kugcine indawo yakho, ukwenza yonke into ihleleke, pho ke ukungahleleki kwamabutho omhlaba? Kanjani, lapho oyedwa ephuma phandle kohlelo,

ukuthi kuyabangela into yonke iphume endleleni! Uhlelo lonke lukaNkulunkulu luyaphambaniseka lapho ilunga elilodwa liphuma endleleni. Kufanele siqhubeke sitshikatshika ukugcina uhlelo lukaMoya.

<sup>50</sup> Futhi ngingafuna, kuNkulunkulu, lokhu kusa, ukuthi singaletha lokhu enkonzweni yokusilisa eqotho, ukuthi sigcine leyi ingxenye...iqembu leli esibuthane ngaphansi kophahla lokhu kusa, kokuvumelana okunje, ukuthi uMoya oNgewele uzakubeka lonke ilunga loMzimba, lelo elilapha lokhu kusa, ekuvumelaneni okunje, kuze kuzivelele ukusiliswa komphfumulo lomzimba, nxa nje singabamba indawo zethu.

<sup>51</sup> Manje, njengoba ngikhulumile ekuqaliseni, inina leli elalile mvukuzane leyo uDokotela Holbrook athatha... owayezaku yikupha. Manje, uNkulunkulu owabangela umsindo wokubhakuza ukuthi ungene eklinika, futhi wasusa leyo mvukuzane engatshiyanga ngitsho lenxeba, alikwazi ukuthi lowoNkulunkulu ofanayo ulapha? [Ibandla lithi, "Ameni."—Mhl.] Futhi into kuphela leyo Yena ayimeleleyo, ngelaKhe—ngelaKhe ibutho ukungena endaweni layo, njengezinkanyezi, zithatha indawo.

<sup>52</sup> Manje, liyakwazi na, sesibe lezimpi ngemva kwezimpi, futhi lamahungahunga ezimpi? Futhi nxa umhlaba usima, sizakuba lezinye ezinengi izimpi. Kodwa liyananzelela ukuthi sibili kulamandla amabili kuphela kulolonke jikelele? Kukho konke ukwahlukana kwethu phakathi kwezizwe, futhi ukwahlukana phakathi komunye lomunye, lakho konke, konke kubuya khona emandleni amabili. Kulamandla amabili kuphela, futhi kulemibuso emibili kuphela; amandla amabili, lemibuso emibili. Okunye konke, izinto ezincanecane, zibanjaniswa kanye lawaphi amandla kulawo. Futhi lawo mandla ngamandla kaNkulunkulu lamandla kaSathane. Yikho oku...Yonke impi, sonke isiyaluyalu, yonke into ebuyayo, ibuswa ingabe ngamandla kaNkulunkulu kumbe amandla kaSathane, ngoba yiwo kuphela amandla amabili akhona lapho. Futhi lawo ngamandla empilo lamandla okufa. Manje, yiwo kuphela amandla lawo amabili akhona lapho.

<sup>53</sup> Futhi uSathane kuphela enga...Amandla akhe, alawo, ngamandla aphambukisiweyo kaNkulunkulu. Kakusiwo mandla uqobo. Yikuphambukiswa kwamandla kaNkulunkulu, yonke into uSathane alayo. Ukufa yimpilo ephambukisiweyo kuphela. Amanga liqiniso elikhulunywe okungayisikho kuphela. Bona? Ubufebe yiku yi—yisenzo esingenziwanga ngokuyikho, isenzo esilungileyo senziwe ngokungayisikho. Bona? Yonke into uSathane alayo yinto eyaphambukiswayo, kodwa kungamandla.

<sup>54</sup> Futhi thina, lamuhla, esihleli lapha, futhi enye kumbe amanye amandla azakusibusa thina. Ngakho asixotsheleni phandle lowo ongomubi. Asithatheni indawo zethu njengenkanyezi zemazulwini.

<sup>55</sup> Njengoba iBhayibhili likhuluma, “Inkanyezi ezizulayo,” khona eBhukwini likaJuda, “zibhubhudla ihlazo lazo.” Futhi asifuni ukuba zinkanyezi ezizulayo; angazi kumbe *lokhu* kuqondile, angazi kumbe *lokhuyana* kuqondile, angazi kumbe *kuzenzakala*, angazi kumbe . . . ukuthi kungaba njani. Ungazuli. Hlala njengenkanyezi lezo zemazulwini, njenge sotsha eliqotho endaweni yomsebenzi walo. Mana lapho, ukholwa! Impilo lokufa.

<sup>56</sup> Manje, ibutho, lapho sibili ibutho, isizwe silungiselela ukuyamelana lesinye isizwe, kufanele kuqala sihlale phansi futhi sihlale okuhle lokubi, futhi loba bayanelisa ukumelana lesizwe esilandelayo kumbe hatshi. UJesu wakufundisa lokho. Futhi nxa abantu bengenxa lokho, nxa izizwe zinga—zinga hlala phansi, futhi zime futhi zicabange izinto lezo, inhlangothi zombili, singeke sibelempi njalo.

<sup>57</sup> Manje, siyathola, ukuthi nxa umuntu engakwenzi lokho, nxa inhloko zamabutho zelizwe zingahlali phansi, kuqala, futhi zihlale futhi zibone ukuthi zona ziqondile, futhi lenjongo lenhloso zabo zilungile, futhi nxa belamandla eneyelo lamandla okunqoba impi elandelayo, ngakho ngeqiniso bayakunqotshwa.

<sup>58</sup> Kulapho uGeneral Custer ayenza khona iphutha lakhe eliyingozi. UGeneral Custer, njengoba ngizwisisa, wayelaywe kuvela kuhulumende, ukungangeni elizweni lamaSioux, ngoba kwakuyisikhathi kibo sokukhonza. Kwakuyisikhathi sokukhonza. Babe lomkhosi. Kodwa uCuster wadakwa, futhi wasecabanga ukuthi angakwenza nje kungenani. Yena wachapha, kungabe kuyikulaywa kumbe kungeyisikho kulaywa. Futhi-ke bona badubula abantu abangelacala, babadubula. Ngicabanga batshaya abanye babo. Kwakuzinhloli, phandle, zizingela okokudla, ukupha a—abantu babo lapho bona babekhonza. Futhi uCuster, echapha, wababona, wacabanga ukuthi babedinga abecele labo, futhi-ke badubula kulezo nhloli. Futhi inhloli lezo zabaleka, zabuyela. Kuyini ezakwenzayo? Bazihlomisa izikhali, futhi nampo besiza. Futhi lokho kwaba yisiphetho sika General Custer, ngoba kazange ahlale phansi futhi acabange, kuqala.

<sup>59</sup> Yena wayengela msebenzi lapho. Yena wayengela lungelo lokuba lapho. Yena wayesefuqe amaIndiya kusuka oKhunjini lweMpumalanga, yonke indlela uchaphela eNtshonalanga, kungenani. Futhi babelesivumelwano, kodwa yena wephula lesi isivumelwano. Futhi lapho esephula isivumelwano, ngakho yena wanqotshwa empini.

<sup>60</sup> Futhi-ke ibutho, kuqala, ekulungiseleleni impi, kuqala kufanele kube lokukhetha, amasotsha. Kufanele bagqokele ukulwa. Kufanele bafundiselwe ukulwa.

<sup>61</sup> Futhi ngiyakholwa ukuthi impi enkulukazi eseyake yaliwa, manje isilungiselele ukwenzakala. Ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu ubekhetha amasotsha aKhe. Ngiyakholwa Yena

ubewagqokisa, ewafundisa. Futhi khathesi lendawo yokulwela isilungisiwe, isilungele ukuqala.

<sup>62</sup> Leyi enkulu, impi yakuqala leyo eseyake yaliwa, yaqala eZulwini, lapho uMikhayeli futhi leNgilosini zaKhe balwa loLusifa lengilosini zakhe. Yaqala okokuqala, impi yakuqala yayiseZulwini. Ngakho, isono asiqaliselanga emhlabeni, saqalisela eZulwini.

<sup>63</sup> Futhi-ke yaphoselwa phansi ivela eZulwini, waxotshwa eZulwini, weza emhlabeni, futhi wawela phezu kwabantu. Ngakho impi, evela engilosini, yaba yimpi yabantu. Futhi uSathane wabuya ukuzobhidliza okwadalwa nguNkulunkulu, lokhu uNkulunkulu akudalayo ukuthi kube ngokwaKhe. Yena wenza, uSathane, wabuya ukuzo bhidliza lokhu. Lokho kwakuyiyo injongo yakhe, kwakuyikubhidliza khona. Ngakho-ke impi yaqala lapha emhlabeni, futhi yaqala phakathi kwethu, futhi ibivutha kusukela lapho.

<sup>64</sup> Manje, ngaphambi kokuba impi ihlelwe, kufanele kuqala bakhethe indawo yokuhlangana khona, kumbe indawo impi lapho ezalwelwa khona, indawo ekhethiweyo.

<sup>65</sup> EMPini yakuQala yoMhlaba wonke, yayibekiwe kanjalo, indawo engasiyomuntu lezindawo lapho abalwela khona. Futhi kufanele babe lendawo ekhethiweyo.

<sup>66</sup> Njengalapho uIsrael esiya empini kanye lamaFilistiya, kwaku lo—lo—loqaqa eceleni linye lapho abahlangana khona. Futhi yikho lapho uGoliyathi aphuma khona futhi wamemeza kumabutho kaIsrael. Yikho lapho uDavida ahlangukhona laye khona, esihotsheni, lapho esechaphe isifudlana esasigeleza phakathi kwamaqaqa amabili, wadobha amatshe.

<sup>67</sup> Kufanele kube lendawo ekhethiweyo. Futhi kulokhu, kukhona i—indawo evunyaleneyo ngababili, akusi ndawo yomuntu, futhi balwa *lapha* kuleyi ndawo. Kabaphonguthi nje, omunye alwe ngaphezulu *lapha*, futhi lomunye phansi *lapha*, futhi lomunye agijime ngalapha. Kukhona inkundla yempi lapho abahlangana khona futhi bazwane amandla abo, lapho elinye ibutho liyazwana amandla alo lelinye ibutho, indawo abavumeleneyo ukuhlangana. Manje, (kubambeni) ungakukhuthi lokhu.

<sup>68</sup> Lapho leyimpi enkulu iqala emhlabeni, kwakufanele kubelendawo evunyaleneyo ngababili yokuhlangana. Kwakufanele kube lendawo ekhethiweyo ukuze impi iqale, futhi lokuthi impi ivuthe. Futhi lezo ndawo zokulwela ziqala engqondweni yomuntu. Yikho lapho impi eqala khona. Ingqondo yomuntu yakhethelwa ukuba yindawo yempi, lapho eyaqala khona, futhi lokhu kungenxa yokuthi izinqumo zenziwa zivela engqondweni, ikhanda. Manje, abazange bakuqale khona kuvela kweyinye ihlanganiso. Abazange bakuqalise kuvela kokunye komtshina. Inkundla aziqalanga lapho.

Ngakho-ke, leyonhlanganiso ayisoze, ayisoze yenze umsebenzi kaNkulunkulu, ngoba inkundla zempi, lapho okufanele uhlangane lesitha sakho, kusengqondweni. Kufanele wenze ukhetho lwakho. Kuhlanguana lawe.

<sup>69</sup> Ngifuna leyinkazana encinyane lapha, egula kakhulu, ukuba leqiniso lokulalela khathesi kulokhu, lalélisisa sibili.

<sup>70</sup> Izingqomo zenziwa engqondweni, ikhanda. Yikho lapho uSathane ahlanguana lawe, lalapho izingqomo ezikhona, ngoba uNkulunkulu wenza umuntu ngendlela leyo.

<sup>71</sup> Manje, ngile (nxa kade ukhangele kumanothi ami lapha) ngilo kuyimephu okudwetshiwewo. Ngangilakho lapha kungasikude, ku...ngakusebenzisa ebhodini. Umuntu wenziwe njengohlamvu lwengqoloyi. Kuyimbewu. Futhi umuntu uyimbewu. Ngokwenyama, uyimbewu kababa wakho lomama; lempilo yaphuma ivela kubaba, inyama yaphuma kumama. Ngakho, laba ababili, ndawonye, iqanda le—legazi, kubuya ndawonye. Futhi phakathi kwesicucu sesakhi segazi kulempilo. Futhi phakathi lapho kuyaqala, ukubumbeka, kusenza u—umntwana. Manje, loba yiphi imbewu ilekhasi ngaphandle; ingaphakathi yinyama; futhi phakathi kwenyama kulohlamvana lwempilo. Awu, yiyo indlela esenziwe ngayo. Singumzimba, umphefumulo, lomoya. Ingaphandle, umzimba, ikhasi; ingaphakathi yalokho, unembeza futhi lokunjalo, kungumphefumulo; futhi lengaphakathi yomphefumulo, ngumoya. Futhi umoya ubusa konke okunye.

<sup>72</sup> Manje, nxa ungahlala phansi lapho ufika ngekhaya, futhi udwebe indingilizi ezincane ezintathu. Uzathola ukuthi umzimba wangaphandle ulemizwa emihlanu othintwa ngayo, futhi leyo yikubona, ukunambitha, ukuthinta, ukunuka, ukuzwa. Yiyo imizwa emihlanu ebusa umzimba womuntu.

<sup>73</sup> Phakathi komzimba kungumphefumulo, futhi lowo mphefumulo ubuswa yikucabanga, unembeza, umkhumbulo, ukuzindla, futhi lezifiso. Yileyonto ebusa umphefumulo.

<sup>74</sup> Kodwa, umoya, ulomuzwa owodwa kuphela. Umoya... O, asikubambeni khona. Umoya ulomuzwa owodwa, futhi lowo muzwa yi, kumbe uyakubusa khona, lukholo kumbe ukuthandabuza. Yikho kanye. Futhi kulendlela eyodwa kukho, lokho yikuzikhethela. Ungamukela ukuthandabuza kumbe ungamukela ukholo, loba yikuphi ofuna ukusebenza kukho. Ngakho-ke, uSathane waqalisela kungxenye eyisiqokoqela, ukubangela umoya womuntu ukuthandabuza iLizwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu waqala ngengxenye eyisiqokoqela, ukubeka iLizwi laKhe kulowo moya. Nanko-ke. Yikho lokho okukwenzayo.

<sup>75</sup> Nxa ibandla leli, khona khathesi lingabekwa ndawonye, futhi lelukiwe ndawonye okokuthi wonke umuntu uba mqondo munye, kungela ngitsho elilodwa ithunzi lokuthandabuza

lobangaphi, akuyikuba lomuntu obuthakathaka phakathi kwethu, phakathi kweminye imzuzu emihlanu. Akuyi kuba lomuntu lapha ofisa uMoya oNgcwele kodwa ukuwamukela Wona, nxa ungalungisa nje leyo nto ethile. Manje, nanko-ke lapho impi eqala khona, khona engqondweni yakho, ukuthi wena uyathanda.

<sup>76</sup> Manje khumbula, akusikho iChristian Science, manje, ingqondo phezu kokubambekayo. Lokho akukaze... Ingqondo iyamukela iMpilo, eyiliLizwi likaNkulunkulu, futhi lapho kuletha iMpilo. Imicabango yakho nje ingeke ikwenze khona. Kodwa, iLizwi likaNkulunkulu, lilethwe phakathi endleleni yomcabango wakho. Bona? Kakusiwo umcabango, njengeChristian Science ikwenza khona, ingqondo phezu kokubambekayo. Hatshi. Lokhu kakusikho khona.

<sup>77</sup> Kodwa, ingqondo yakho iyakwamukela Khona. Iyakubamba Khona. Kuyini ingqondo yakho ebuswa yikho? Umoya wakho. Futhi umoya wakho uyabamba iLizwi likaNkulunkulu, futhi yiyo leyonto eleMpilo phakathi Kwayo. Iyaletsa iMpilo phakathi kwakho. O, mfowethu! Nxa lokhu kuthatha indawo, nxa iMpilo isiza phansi ngaleyo indlela, ingena kuwe, iLizwi likaNkulunkulu liyabonakaliswa kuwe. "Nxa uhlala Kimi, laMazwi Ami ehlala kuwe, ngakho-ke cela lokhu okuthandayo futhi uzakukwenzelwa."

<sup>78</sup> Ngakho-ke kwenzani lokho? kusukela ngaphakathi kwenhliziyo, okungumphefumulo, kusukela lapho kuyaphuma, kufunza yonke indlela. Uhlupho lwakho yikuthi, thina simile phakathi *lapha* silokuthandabuza okunengi, sizama ukwamukela lokhu okuphandle-*le*. Kufanele ukumise lokho; futhi ubuye phansi kuleyondlela kanye leLizwi leqiniso likaNkulunkulu, futhi-ke kuyaphuma phandle, ngokwakho, kuzenzela. Kuyilokhu okungaphakathi. Yiyo into ebalwayo, yingaphakathi.

Ukuza kukaSathane kusukela ngaphakathi.

<sup>79</sup> Manje, wena uthi, "Angintshontshi. Anginathi. Angenzi lezi izinto." Lokhu akulani lokwenza lakho.

<sup>80</sup> Bona, kuyingaphakathi. Akulandaba ulunge kanganani, uziphethe kuhle kanganani, uqiniseke okunganani, lezo zinto ziyahlonitshwa. Kodwa uJesu wathi, "Ngaphandle kokuba umuntu azalwe kutsha." Bona? Kufanele kube lenye into eyenzakala phakathi. Nxa ungakwenzi, lokho yisiphamaso sokuzibazela, khona phansi enhliziyweni yakho uyafisa ukukwenza loba kunjalo. Kungeke kube yisiphamaso. Kufanele kube qotho.

<sup>81</sup> Futhi kuleyodwa kuphela indlela leyo lokho okungenelisa ukubuya phansi, futhi kungendlela yokuzikhethela, kuze phakathi emphefumulweni, ngemicabango yakho. "Njengomuntu ecabanga enhliziyweni yakhe, ngakho-ke

unjalo.” “Nxa ungathi kulintaba, ‘Suka,’ futhi ungathandabuzi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi lokhu wena okutshileyo kuzakwenzakala, ungaba lakho lokhu wena okutshileyo.” Uyakuthola? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Nanko-ke. Bona? Nanzo inkundla zokulwela impi. Nxa ungenza lokhu kuqale, kuqala.

<sup>82</sup> Siyaphitshekela ukubona izinto zisenziwa. Siyaphitshekela kakhulu ukwenzela uNkulunkulu enye into. Leli ininakazi elincane lona ali...liyaphitshekela, kungela kuthandabuza, liyaphitshekela ukuphila. Lona lifuna ukusila. Abanye balapha, bafuna ukusila. Futhi nxa sisizwa mayelana ngaleyo ndaba, njengodokotela, ukuvuswa kwabafileyo, izinto ezinkulu ezilamandla lezo uNkulunkulu wethu azenzileyo, ngakho-ke siyaphitshekela. Futhi into yakho yikuthi, sizama ukufinyelela ngaleyi imizwa, ukubamba enye into lapha, njengonembeza.

<sup>83</sup> Abantu abanengi kakhulu, izikhathi ezinengi, bahlanekezele iLizwi. Futhi benginga zwisiswa ngalokhu, ngokubizela elathini. Ngathi, “Angigxilanga kangako ekubizeleni elathini,” kungatsho ukuthi akufanelanga libizele elathini.

<sup>84</sup> Kodwa omunye umuntu athathe omunye umuntu ngengalo, athi, “O, Mfowethu John, uyazi ukuthini? Mina lawe besingomakhelwane sonke lesi isikhathi. Woza lapha phezu kwelathi, yehla phansi.” Kuyini akwenzayo? Ngiyafisa aluba bengile bhodi elimnyama lokubhalela lapha, bengiza litshengisa lokhu akwenzayo. Yena uzama ukusebenza ngomphefumulo wakhe, ngezifiso. Lokho akusebenzi. Kayisiyo indlela. Sibili, yona kayisiyo.

<sup>85</sup> Mhlawumbe yena usebenza phakathi (kwani?) umkhumbulo, ngomuzwa womphefumulo wakhe. “O, Mfowethu John, wena wawulo mama omangalisayo. Yena wafa isikhathi eside esedlulayo.” Umkhumbulo! Bona? Awungeke ukwenze lokho.

<sup>86</sup> Kufanele kwehle phansi emzileni wokuzikhethela kwakho. Wena, ngokwakho, yekela iLizwi likaNkulunkulu...Wena kawubuyi ngoba umama wakho wayengowesifazana olungileyo. Wena kawubuyi ngoba ungumakhelwane olungileyo. Wena uyabuya ngoba uNkulunkulu ekubiza ukuthi ubuye, futhi umamukela Yena ngezimiso zeLizwi laKhe. Lelo Lizwi yilo elitsho into yonke. Lelo Lizwi! Nxa wena ungasusa yonke into phandle kwendlela, unembeza wonke, yonke imizwa, futhi nje ubusuyekela iLizwi libuye phakathi, iLizwi lelo lizathela khona kanye.

<sup>87</sup> Lapha, bona ukuthi kumbozwe ngani? Wena uthi, “Awu, khathesi,” wena uthi, “awu, lokhu, unembeza lemizwa, futhi lokunjalo, akulani lakho, Mfowethu Branham?” Ngempela, kulakho. Kodwa nxa ungavumela iLizwi libuye phakathi, futhi likumboze Khona ngonembeza, ngakho-ke Lingeke likhule; kuza kuba lilizwi eliyisilima.



<sup>88</sup> Sowake wabona uhlamvu oluhle lomumbu luhlanyelwa emhlabathini, futhi utshiye uluthi luwele phezu kwalo? Kuzakhula kugobile. Loba livini liphi, lobayini leyo ekhula isiyaphezulu, izakubanjalo, ngoba enye into ikwenqabele.

<sup>89</sup> Awu, yilo uhlupho ngoKholo lwamaphentekhosti ethu lamuhla. Sesivumele izinto ezinengi zakwenqabela Khona, uKholo lolu esalufundiswayo, uMoya oNgcwele lowo obuphila phakathi kwethu. Sesivumele izinto ezinengi kakhulu, sikhangele komunye umuntu.

<sup>90</sup> Futhi udeveli uhlala ezama ukukukhombela ekwahlulekeni komunye umuntu, kodwa uyazama ukukubeka khatshana lobufakazi beqiniso lobo obuqotho. Yena uzakukhombela kumzenzisi, kwesinye isikhathi, owaphuma elingisela enye into. Yena kazange akwenze, ngoba wayelingisela. Kodwa nxa khona kuvela endaweni yeqiniso yeLizwi likaNkulunkulu, “Izulu lomhlaba kuzakwedlula, kodwa iLizwi Lami alingeke ladelula,” Kufanele lihlale khonapho.

Uyakubona, dade?

<sup>91</sup> Kufanele kwamukelwe engqondweni, kube-ke sokukholwa ngenhliziyo. Ngakho-ke iLizwi likaNkulunkulu liba qotho, khona-ke yonke imizwa yomphefumulo lomzimba iyakhuhlwa ngoMoya oNgcwele. Ngakho umuzwa wakho kaNkulunkulu, unembeza wakho kaNkulunkulu, yonke into elobunkulunkulu, igeleza kuwe. Akula kuthandabuza lobangaphi. Akula lutho olungenelisa ukuphakama.

<sup>92</sup> Akula lutho olungenelisa ukungena emkhumbulweni, futhi luthi, “Awu, ngiyakhumbula uNkosazana Jones wazama ukuthemba uNkulunkulu, loNkosazana *Zibani-lo-zibani*. UNkosazana Doe wazama ukuthemba uNkulunkulu ukusiliswa, kwesinye isikhathi, futhi wehluleka.” Bona?

<sup>93</sup> Kodwa uba indlela leyo isihlanziwe futhi yagezwa, futhi yagcwaliswa ngaphakathi ngoMoya oNgcwele, lokho akubuyi ngitsho emkhumbulweni, akulandaba mayelana ngoNkosazana Jones futhi lalokho akwenzayo. Kunguwe loNkulunkulu, ndawonye, futhi akula omunye kodwa lina lobabili. Nanko-ke. Nanso impi yakho. Umbulale ekuqaliseni. Ummise afe endleleni yakhe. Akusikho ukuthi uyidonsa kangakanani impi. Ngokokuthi, imise yona khona khathezi!

<sup>94</sup> Nxa ungabuya, futhi ugcine yona imikhumbulo lonembeza, layo yonke into, ucabanga mayelana, “Awu, ngingehluleka. Kungabe kungalunganga.” Ungakwenzi lokhu, ngitsho lakancane.

<sup>95</sup> Wena jikela yonke into eceleni, futhi uvule indlela, futhi uthi, “Nkulunkulu, iLizwi Lakho liliqiniso laPhakade, futhi lingelami. Nxa ibandla lonke lingehluleka, nxa umhlaba wonke ungehluleka, kodwa-ke ngingeke ngehluleke, ngoba ngithatha iLizwi Lakho.” Nanso-ke impi. Yiyo-ke into.

<sup>96</sup> Kungani uSomandla uNkulunkulu ekhuphe imvukuzane ebeleni lowesifazana, kungelanxeba, futhi ayekele umntwana alale futhi afe? Hatshi, mnumzana.

<sup>97</sup> Inkazana encinyane yabuya lapha, kungasikude, ivela esikolo esiphezulu. Unina wangibiza, wathi, “Mfowethu Branham, inkazana yami ilomkhuhlane weHodgkin.” Leyo yimvukuzane, ebayizigaqagaqa. Futhi udokotela wathatha isiqephu esivela lapha ephuma khona emphinjeni wakhe, wakuthumela, futhi kwakungumkhuhlane weHodgkin ngokupheleleyo.

<sup>98</sup> Futhi yena wathi, “Okulandelayo kuqhamuka, kungaqhamuka enhliziyweni yakhe. Lapho kuqhamuka, uhambile yena.” Wathi, “Akala...Ngendlela okuqhamuka ngayo, yena ule, lobangaphi, inyanga ezintathu, zokuphila.”

<sup>99</sup> Unina wathi, “Kuyini engizakwenza? Ngimbuyisele njalo esikolo?”

<sup>100</sup> Wathi, “Limyekele ahambe, ngoba uzahamba phose engakhangelelanga.” Futhi wathi, “Limyekele nje futhi aphile impilo yansuku zonke, lapho ekwanisa. Lingamtsheli lutho mayelana ngakho.”

Ngakho inina lathi kimi, “Kuyini okufanele ngikwenze?”

<sup>101</sup> Ngathi, “Limlethe lapha futhi limbeke emzileni wokukhulekelwa.” Futhi ngasengisithi, “Wena buya laye.” Ngezwa umuzwa omcane ongakwayelekanga.

<sup>102</sup> Futhi lapho inkazana encinyane isibuyile, lokho kusa, lendebe eziluhlaza okwesibhakabhaka, okuvela ekuzipendeni, futhi njengoba lesikolo silabo. Futhi—futhi linto encinyane yafika. Angizange ngibekwazi ngubani owayezakuba nguye; wayezangibamba mina efonini. Ngabamba isandla sakhe. Ngathi, “Ukusa okuhle, dade.” Nango lapho. Kwakunguye. Okwemizuzu emilutshwana nje, ngakhangele phansi kunina futhi ngabona bonke babo bengela uNkulunkulu, bengela uKhristu. Ngathi, “Lingakhangelela kanjani ukusiliswa kokunje? Lingemukela na uJesu Khristu njengoMsindisi wenu?” Ngathi, “Ungabuya na kulelichibi lapha futhi ubhaphathizwe eBizweni likaJesu Khristu kukho ukuthethelelwa kwezono zakho?”

Bathi, “Sizakwenza lokho.”

<sup>103</sup> O, liyakwazi kuyini okwenzakalayo. Owesifazana engabe ehlezi lapha kulokhu kusa. Abanengi benu liyayazi lindaba. UMfowethu uMike Egan, omunye wabaphathi isikhwama lapha, wayikhangela lindaba. Lokhu sokube mhlawumbe iminyaka emine kumbe emihlanu edluleyo. Inkazana encinyane yathathwa yabiselwa kudokotela, ngitsho khona okukodwa okutshengiselayo umkhuhlane weHodgkin owatholwa kuye.

104 Kwakuyini indaba? Wawumele uvule indlela, kuqala. Kufanele uthole iSotsha, uMoya oNgcwele, ebekwe enkundleni yempi, othatha iLizwi likaNkulunkulu. Yena uliLizwi. Futhi Yena uyama lapho, akula lutho oluzakumisa Khona-ke. Akula lutho olu. . . Ezinye izindlela zigezisiwe. Njengebhayila elidala lezimbobu zetshimuni; ungabeka umlilo phakathi, kuyadubuka yonke into yakho. Yilo udaba ngamaKhristu adubukileyo, kungengxa yokuthi kabagezi indlela, abayi phansi khona phakathi. Kufanele ukuhlanze khona, unembeza, umkhumbulo, imicabango, ubeke eceleni yonke into, futhi ubuya uvela ngaphakathi usiya phandle, kanye lalelo Lizwi likaNkulunkulu elingaxutshaniswanga, ukuthi Lona liQiniso.

105 Kungelandaba ukuthi inkulungwane ezilitshumi zifile *kulolu* uhlangothi, lamuhla, zithembile; inkulungwane ezilitshumi zafa *kulolo* hlangothi, kusasa, zithembile; lokho akulani lami. Mina ngingumuntu ngimunye. Ngiyimi engithembileyo. Ngiyimi engikukholwayo. Futhi siyabona emuva-le, nxa besifuna ukuvula indlela zethu-ke, nxa singenelisa, futhi sibone. Siyafumana *lowu lalowana*, futhi *lalowu lalowana*, izinkulungwane zabo, zifakaza.

106 Kodwa udeveli uzazama khona ukuphenduka. Bona, nxa engangena khona phakathi lapho, ngeyinye indlela, uselichithile ibutho lakho khonapho.

107 Nxa ulemizwa yakho, ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukunuka, lokuzwa, yonke ilungile, kodwa ungayithembi ngaphandle nxa ivumelana leLizwi. Yonke ilungile, kodwa, nxa iphikisana leLizwi, ungayilaleli. Manje, imicabango, unembeza, imikhumbulo, izindlo, futhi lezifiso, konke kulungile nxa kuvumelana leLizwi. Kodwa nxa isifiso sakho singavumelani leLizwi, sisuse. Uyadubulisa itshimini, khona masinya. Bona? Nxa ukuzindla kwakho kungavumelani leLizwi, suka kukho. Kunjalo. Injini. . . Nxa umkhumbulo wakho, nxa imicabango yakho, nxa unembeza wakho, loba yini, kuphikisana laloKho okungaphakathi, kususe.

108 Usulani-ke? Usulohlelo lwamandla elanga. Haleluya! Kungu, Nkulunkulu wahlela inkanyezi futhi wathi, “Lengani lapho ngizengilibize!” Ziyahlala khonapho. Akula lutho oluzakuzisusa. Uba uNkulunkulu engazuza umuntu ezandleni zaKhe, aze athole imizwa, unembeza, yonke into ihlanziwe, ize ime kanye loNkulunkulu ngemva kwayo, emoyeni, akula ngitsho udeveli emhlabeni ongangenisa ukuthandabuza phakathi lapho. Kunjalo.

Yena uyabuya lapho futhi athi, “Awuzwa ngcono ngitsho.”

109 Unembeza wakho akasekho, kulokho. Itshimini isihlanzekile, iyamemeza, “Haleluya!” Isikhala sokuphumisa sitshaye ukhwelo, “Udumo kuNkulunkulu!” Siyakhazimula, sibili, khona nje kuhlanzekile njalo kuyakhanya, ukuze iLizwi

likaNkulunkulu lisebenze ngalapho, aMandla kaNkulunkulu. Bona? Yiyo into enkulu.

<sup>110</sup> Nanso inkundla yakho yokulwela. Inkundla yakho yokulwela ingemuva lapha ekuqaliseni, emuva lapha emphefumulweni, emuva engqondweni yakho evulekayo. I—ingqondo lisango lokuya emphefumulweni, isango lokuya emoyeni, ngizama ukutsho. Ingqondo yakho iyavuleka futhi yamukele umoya, kumbe iwale umoya. Ungaba labonembeza abancane, lemizwa emincinyane, lamadlabuzane amancinyane, zonke lezi izinto. Lokho akulani lakho. Lokho nje ngamadlabuzane amancinyane lezinto. Kodwa nxa sokusiza ebuqothweni, ingqondo yakho iyakuvula khona. Ingqondo yakho ingabe ikuvuma kumbe ikulahle khona. Kunjalo, bangane.

Nkulunkulu, yenza kungabi loyedwa okumeqayo.

<sup>111</sup> Bona, yingqondo yakho evulayo umnyango; kumbe iwuvale umnyango, futhi ilalele kunembeza wakho, ilalele umkhumbulo wakho, ilalele izifiso zakho. Kodwa lapho ingqondo yakho ivaleka yona kulezi izinto, futhi ivumele uNkulunkulu, uMoya weLizwi laKhe, ungene phakathi, Kuyaphephethela okunye kwezinto zonke phandle. Ukuthandabuzane konke akusekho. Ukwesaba konke akusekho. Wonke amadlabuzane wokungakholwa awasekho. Imizwa yonke ayisekho. Akusela okumiyo lapho kodwa iLizwi likaNkulunkulu, futhi uSathane angeke alwisane laloKho. Hatshi, mnumzana. Yena angeke alwisane laKho. Manje, siyakwazi lokhu kuliqiniso.

<sup>112</sup> Lezi izimpi bezivutha kusukela ngosuku lwase nsimini yeEdeni, impi engqondweni yomuntu. USathane wayiqalisa. Wenzani lapho ehlangana loEva? Yena kazange aliyale iLizwi likaNkulunkulu, kodwa walipenda mhlophe Lona. Yena wamisa ezinye ezincane indlela lapha kwenye indawo. Wathi, “Kodwa sibili uNkulunkulu...” Genesis 3:1. Bona? “Sibili, uNkulunkulu, zonke lezi izinto lezo Yena—Yena—Yena azithembisayo...” Yena wazi iLizwi laliqondile. Kodwa yena wazi wayengeke aphume khona nje futhi alikhallimele Lona, ngomsindo kanjalo, kodwa wa—wa—waLigcoba ngetshukela.

<sup>113</sup> Njengomama wayejwayele ukusenza sithathe umuthi, futhi wayezama ukufaka ijusi yama olentshi phakathi kwamafutha ecastor. Minabo, kungaba ngcono ukuthatha amafutha ecastor kungela jusi yeolentshi! Into elokukhohlisa! Bona? Yena... Sasiwayele ukuvuka ngesikhathi sobusuku, futhi asinike amafutha amalahle, esenzela ukukhwehlela. Futhi wayefaka amafutha amalahle, futhi afake itshukela kuwo; bona, sengathi yikukhohlisa. Kodwa kwakuvele kutshise amadlala akho, phose, kusehla phansi, emva kokuba itshukela seliphelile.

<sup>114</sup> Awu, yiyo indlela okuyiyo, mngane. USathane uyazama uku—ukukhohlisa ngakho. Yena uyazama ukukutshengisa enye into engcono, indlela elula, icebo elilengqondo. Kodwa akusela

elinye icebo elilengqondo kulalelo uNkulunkulu alibekayo ekuqaliseni, iLizwi laKhe. Bamba lelo Lizwi. Libambisise Lona. Livumele Lona likubambisise. Hlala khonapho kanye Lalo. Yiyo i—yiyo into.

115 Impi yavutha lapho uEva evula ingqondo yakhe, ukulalela ukuzindla kwakhe. Yiso isikhala okwangena ngaso. Yiyo i—indlela okwehla phansi ngayo, ukuzindla kwakhe. Yena, emphefumulweni wakhe, wazindla.

116 Amehlo akhe kwakuyikubona. Yena wabona inyoka. Yena wayemuhle, ekhangeleka kahle, okungcono kulendoda yakhe. Yena wayehlakaniphile kulazo zonke izilo zasensimini, futhi mhlawumbe wayeyindoda ebukekayo kulendoda yakhe. Yena wayekhangeleka njengesilo esikhulu sesilisa simile lapho. Wayemkhulu kanganani! Futhi wayezama ukumtshela ukuthi kwakuyinto enkulu okunganani.

117 Futhi into yakuqala ayenzayo, wavula ingqondo yakhe. Futhi wathi esekwenzile, ukuzindla komuntu kwakubamba. “Ngani, angeke kuvuse amadlabuzane lokhu?”

118 Yiyo into ayenzayo kowesifazana lamuhla. Omunye umfazi olendoda enhle encinyane, athole enye inkalakatha, enkulu, indoda elenyama eziqatha. Lindoda izazama ukuvula ukuzindla. Khumbula, lowo nguSathane. Lowo ngudeveli. Kumbe, kuphendulelwe, indoda emfazini, umfazi endodeni, loba ngayiphi indlela. Kuyini akwenzayo? Uyasebenza phakathi kulawa mandla okuzindla, lowo unembeza kumbe okuthile, uyaqala ukusebenza.

119 Kodwa nika iLizwi likaNkulunkulu indawo yokuqala. Umuntu angeke abuye eku...Yena angeke enze isono... Haleluya! Nanku lapha. Lokhu kuza, kukutsha. Umuntu angeke enze isono kuze kuthi kuqala alahlele eceleni iLizwi likaNkulunkulu. Yena angeke enze *isono*, lokhu “yikungakholwa,” aze athi kuqala asuse iLizwi likaNkulunkulu, uBukho bukaNkulunkulu, angeke enze isono.

120 UEva wayengeke enze isono aze abeke eceleni iLizwi likaNkulunkulu, evula indlela yokuzindla ngomphefumulo wakhe, futhi aqale ukuzindla. “Ngani, sibili. Indoda yami ayikaze ingitshela lezi izinto, kodwa ngiyakholwa ukuthi wena...Yena wangitshela akufanelanga ngenze lokhu, kodwa, uyakwazi, ukwenza khona kube gotho kakhulu futhi kube sobala. Ngi—ngiyakholwa kuzakuba ngokumangalisayo, ngoba ukwenza kube sobala kimi.” Bona, khonapho kwaba lempi yakuqala. Futhi, ngaleyo mpi, sokubangela enye yonke impi. Futhi lakho konke ukuchitheka kwegazi okwake kwabakhona, kwabangelwa khona lapho eEdeni. Kazange akholwe iLizwi likaNkulunkulu.

121 Futhi nxa nje into encinyane yeLizwi likaNkulunkulu lingakholwa, kwabangela lonke lolu uhlupho, sizabuyela njani

emuva, singalikhohwa iLizwi? Awungeke ukwenze. Kufanele uvale ezinye zonke lezizinto, unembeza, imikhumbulo, futhi uthi . . . ukuzindla, lazo zonke lezi ezinye izinto. “Lahlela phansi ukuzindla.” Asizindli ngakho, lakancane, ngitsho lakancane.

<sup>122</sup> Siyalamukela nje iLizwi phezu kwesisekelo, “uNkulunkulu watsho njalo,” futhi kubeka isifudlana phakathi kwakho loNkulunkulu. Yonke indlela ibuya ivuleke phakathi kwakho loNkulunkulu, njalo-ke.

<sup>123</sup> Nanso impi, yona eyokuqala, umzila waphambili. Singasebenzisi umbhobho wohlobo lwamatshumi amabili lambili; asithatheni i—ibhomba ye athomu. Asenzeni umsebenzi kuhle. Asithatheni ibhomba ye athomu kaNkulunkulu. “Iyini, Mfowethu Branham?” K-h-o-l-o eLizwini laKhe. Yiyo ibhomba ye athomu kaNkulunkulu. Iyadubula ukugula labodeveli, kwesokunene lakwesokhohlo. Iya—iyawatshabalalisa. Iyawehlukanisa. . . O, kuyi. . . Iyabhidliza nje. Iyachitha yonke into engelabunkulunkulu. Lapho leyo bhomba yokholo iwela phakathi lapho, kanye leLizwi likaNkulunkulu ngemuva kwayo, iyadubula wonke udeveli, ukugula konke, umkhuhlane wonke.

<sup>124</sup> Wena uthi, “Kunjalo na, Mfowethu Branham? Khona-ke kungani kusenza, kwabanye, futhi kungenzi kwabanye?”

<sup>125</sup> Kungenxa yendlela. Ungakhangele phandle futhi ukubone khona. Kodwa ufanelwe ukuthi ubelakho phakathi *lapha*, ukhangele *ngakule* indlela. Hatshi phandle *le*, ukhangele phakathi; kufanele ubephakathi, ukhangele phandle. Bona? Awungeke ubuye ngokuzindla. Awungeke ubuye ngezinye lezi izinto. Kufanele ubuye khona kanye phansi ngendlela kaNkulunkulu yakho, khona phakathi emphefumulweni. Futhi uyakwenza njani lokhu? Kuyini indlela yokucina?

<sup>126</sup> Kuza zindl- . . . kusehla phansi. Wena uthi, imizwa, “O, ngi—ngiyayizwa yona. Yebo, nanko-ke lapho. Uh-huh. O, mhlawumbe ngi—ngingakunuka khona, kumbe okunjalo. Lezi izinto zikhona. Yebo.” Into elandelayo, uyazindla, “Awu, khona kukhangeleka njengokuthi engabe ekwazi lokhu akhuluma ngakho. Udokotela uthi angeke ngiphile. Lokhu kungaba yikho.” Uyabo, khona-ke lapho wena usu—wena usuphambanisile. Lowo ngudeveli emile lapho. Lowo ngudeveli efuqela izinto lezo phakathi kwakho. Ungakukholwa lokho.

<sup>127</sup> “Haleluya! ILizwi likaNkulunkulu lathi ngiza. . . ‘Phezu kwakho konke, ngithanda ukuthi uphumelele empilweni kahle.’ Lokho yikho.” Ungaba njani lisotsha leqiniso phandle le? Bona, “Ngifuna uphumelele empilweni kahle.”

<sup>128</sup> Nanko-ke lapho, khona lapho, kulezo ndlela. Uyayithatha nje, uzivule. Ungazikhekhelezi nje.

<sup>129</sup> Ngakho-ke nxa uSathane engangena phakathi lapho, adlule ngalezi unembeza lezinye zonke izinto, futhi-ke uyangena khona phansi lapha ekucineni komphefumulo, engqondweni.

Manje, nxa yena nje engakwenza wena... Awusoze—awusoze ukhangele kokunye kwazo uze uthi kuqala umvumele phakathi *lapha*. Kumele umvumele yena phakathi. Lapho-ke engena phakathi, uselokubusa. Futhi-ke yena uyenzani? Uyaqala ukusebenzisa unembeza. Yena uyaqala ukusebenzisa *lokhu*, aqale ukusebenzisa *lokhu* okokuphumisa phandle. Yikuyini? Ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukunuka, ukuzwa; imicabango, unembeza, umkhumbulo, izindlo, izifiso. Yena uyaqala ukusebenzisa zonke lezo ndlela ezincinyane ezehlukeneyo, kuphela engangena phakathi, phezu kwakho *lokhu* lapha. Yena kumele ukuthi angene engqondweni yakho, kuqala, futhi kumele ukuthi ukwamukele khona. Kunga... Lalelani. Khona kungakungqikila, kodwa angeke kungene kuwe ngaphandle kokuthi wena ukwamukele.

<sup>130</sup> Lapho uSathane esiza kuEva, futhi wathi, “Uyazi, isithelo siyathokozisa,” wama okwesikhatshana. O, yikho lapho ayenza khona iphutha, lapho esima okwesikhatshana.

<sup>131</sup> Ungameli lutho. Ulawo uMbiko. UJesu uyaphila. UNkulunkulu unguMsilisi. Yiwo lowo uMbiko. Ungameli lutho, akula kuzindla, akula lutho olunye.

<sup>132</sup> Kodwa wama okwesikhatshana. Yikho lapho uSathane ahamba wangena khona kuleyo ngqondo. Wathi, “Awu, kuzwakala kulenhlakanipho.” O, ungakwenzi lokho. Thatha nje kuphela uNkulunkulu akutshiloyo.

<sup>133</sup> UAbraham, aluba wema yena ukuzindla, lapho Yena emtshela uzakuba lomntwana ngoSarah, futhi wayesengamatshumi ayisithupha lanhlanu futhi yena elamatshumi ayisikhombisa lanhlanu? Futhi wathi eselekhulu, laye esele—laye eselamatshumi ayisificamunwemunye, yena, wayelokhe, yena—yena—yena wavuma ukuthi iLizwi likaNkulunkulu laliliqiniso. Futhi wabiza lezo zinto, ezazingekho, njengokuthi zazikhona. Bona? Yena... Loba ithemba, kwakuselethemba na? Yena kazange ngitsho asebenzisa ithemba.

<sup>134</sup> “Awu,” wena uthi, “Ngithemba ukubana ngizakuba kahle. Ngithemba ngizasila. Ngithemba ngizazuza uMoya oNgcwele. Ngithemba ngingumKhristu. Ngithemba ngizenza *lokhu*.” Awufuni lokho.

<sup>135</sup> UAbraham kazange akhangele kulokhu. Amen. “Kungasela ithemba, yena waqhubeka ekholwa iLizwi likaNkulunkulu.” Ukholo lungaphezu kwethemba. Ukholo lubuya luvela emuva *lapha*, khona ngaphakathi. Ukholo lubuya luvela *lapha*.

<sup>136</sup> Ungena njani phakathi? Ngaleyi ingqondo, lu—lumnyango, iphambili yempi imi lapho.

<sup>137</sup> Manje, lapho usuhlele impi! Manje, udeveli uhlezi khona kuyonke inhliziyi, lokhu kusa. Yena uhlezi, inhliziyi yaleyi inkazana encane. Yena uhlezi enhliziyweni zenu. Yena uhlezi

yonke indawo khona lapha. Yena uthi, “O, ngikubonile uzama phambilini. Sengake ngakuzwa lokhu ngaphambili.”

<sup>138</sup> Mxotshela phandle. Yikho kuphela. Mxotshela phandle. Lathini iBhayibhili lapha, isihloko sesifundo sethu? “Ukumxotshela phandle.” Lokho yikho. “Ukumxotshela phandle.” Sikufundisiwe.

<sup>139</sup> Ngiyacabanga, “Luyini uhlupho ngathi abatshumayeli?” Ngiyamangala yikufundiswa bani esibe lakho.

<sup>140</sup> UNkulunkulu ufundisela leyompi enkulu. UMatewu 24 wathi lapho, futhi njalo loDaniyeli 12, wathi, “Kuzakuba lesikhathi sohlupho, leso esingakaze sibekhona emhlabeni ngaphambili.” Futhi siphila kuleso sikhathi, lapho amasiko, lemfundo, lezinto, sokumboze ngaphezu kweLizwi likaNkulunkulu, futhi kwangena ekuzindleni lokunjalo. Impi isikhona manje. Ngubani ozakuma? Haleluya! Impi isilungele ukungena. Isihleliwe khathesi. Khangela impikisano enkulu esilayo ngaphetsheya.

<sup>141</sup> Ngubani ozakuba njengoDavida? Wathi, “Liyama futhi litshiye lowo mFilistiya ongasokwanga eseyisa amabutho kaNkulunkulu ophilayo? Ngizakuya mlwisa.” Ameni. UNkulunkulu ufuna amadoda labafazi lokhu kusa abanga phakama futhi bathi, “Ngizakuthatha iNkosi ngeLizwi laYo.” Ameni. Kungenani lokwehlulekayo, lapho *lokhu lalokhuyana*, futhi lokuthi *loyana* wenzani. Lokho kakulani lakho. Lina boSawuli, futhi lokunjalo, nxa lina limesaba, buyelani muva lapho elivela khona. Kodwa, impi kaNkulunkulu iqhubekela phambili, ameni; amadoda esibindi, amadoda o—o—okholo, amadoda amandla, amadoda okuzwisisa. Akudingi ukuthi bakhali phe. Akudingeki ukuthi babe ngabafundileyo. Kufanele babezindlela. UNkulunkulu uthatha lezo ndlela ezincane.

<sup>142</sup> Wama okwesikhatshana, ukuzindla, esithi, “Awu, manje, akesibone.” Awu, njengokuthi, kungabanjani singa . . .

<sup>143</sup> Leli nina elincinyane, lokhu kusa, kungela kuthandabuza ukuthi udokotela umtshelile, useseduzane lamaphetho omgwaqo, “Akula lutho olungenziwa.” Awu, manje, lowo ngulowo dokotela. Angimcali yena. Lowo ndoda ngudoda wezesayensi. Yena uyabona ukuthi umkhuhlane usunqobe umzimba womntwana. Kungaphezu kwento yonke. Yena akala muthi ongakumisa.

<sup>144</sup> Kanjalo leyo mvukuzane eyanqoba lowo mfazi; sibili, ukufa kwasekunqobe lowomntwana; kodwa uKaputeni oMkhulu wethu, haleluya, walelibutho elikhulu, Yena uyikuvuka lokuPhila. Akula okunganqoba Yena. Haleluya!

<sup>145</sup> Inggondo zempi zihleli phakathi kwabo kaputeni balo, ulwazi. URommel, eGermany, wayezingqondo zeGermany; hatshi uHitler. URommel! Lokho yikho. UEisenhower! Amadoda ebutho! UPatton! Lawo madoda ayephambili,



kwakusiya ngayiphi indlela ababenika ngayo umlayo. Uyalandela ukaputeni wakho, nxa yena eluhlobo olulungileyo lukajeneral. Nxa yena eluhlobo olulungileyo, nxa yena engujeneral olenkanyezi ezine, nxa yena ehloliwe, nxa yena ehloliwe ukuba ngolungileyo, limlandele yena. Lanxa kungezwakala kukubi, kuwe, hamba khona phambili. Yenza njengoba ekutshelile.

<sup>146</sup> Haleluya! SiloJeneral olenkanyezi ezinhlanu, opelitshwa J-e-s-u, ebeka inkanyezi ezinhlanu kithi, u k-h-o-l-o. Yena akaze anqotshwe empini. Haleluya! Yena wanqoba ukufa, isihogo, futhi lethuna. Khupha odeveli phandle kwendlela. Yena unguKaputeni oMkhulu. Ngakho, udeveli kabalwa.

<sup>147</sup> Impi enkulu eyake yavutha, ihleliwe ilungele khona khathesi. Sibili, isilungele. O! Haleluya!

<sup>148</sup> Lapho ngicabanga ngakho! Lapho ngisima futhi ngibona Yena esenza izinto, ngimbona Yena esembula izinto, evula izinto, ethi, “Kuzakuba ngaley*i* indlela futhi laleyo indlela,” nanko-ke lapho! O, khangela emuva *lapha*, futhi uthi, “Ngubani lo uKaputeni omkhulu?” O, angikhangeli emuva futhi ngibone nxa kunguDokotela *Zibani-lo-zibani*. Ngibona lokhu okutshiwe nguKaputeni. “Yena unguKaputeni wosindiso lwethu.” Haleluya! Kuyini usindiso? Ukukhululwa! Dumo! “Yena unguKaputeni wokukhululwa kwethu.”

<sup>149</sup> Ihola elikhulu lokuhlasela seliseduze. Haleluya! Sotsha, kanye lezikhali zikhazimula, amafulegi ephaphuka! Ukholo lokuthandabuza kuyazihlela, phakathi kuleli thabhanekeli, lokhu kusa; ukuthandabuza kwelinye icele, ukhoro kwelinye. Masotsha, manini ezindaweni zomsebenzi. Haleluya! UKaputeni wethu, iNkanyezi Yokusa, iyaqhubeka ikhokhela. Yena kabuyeli emuva ngitsho. Yena (ngitsho) kalazi ibala lokuhlehlela muva. Yena akahlehleli emuva. Ameni. Sibili.

<sup>150</sup> Impi enkulu kwesezake zaliwa, iyaqhubeka khona phakathi lapha khathesi, yebo, mnumzana, phakathi kwempilo lokufa, phakathi kokugula lempilakahle, phakathi kokholo lokuthandabuza, o, minabo, phakathi kwenkululeko lobugqili. Impi iqalile! Khanyisani imikhonto yenu, masotsha. Pholishani izikhali. UNkulunkulu usesenza amasotsha aKhe alungiselele. Ameni. UNkulunkulu ugcoba impi yaKhe.

<sup>151</sup> IMelika igqokisa amasotsha ayo ngendlela engcono engawagqokisa ngayo: ingowane zensimbi, lezikhali, futhi loba yini abalayo, izigwagwagwa, lobayini leyo abaya kuyo.

<sup>152</sup> UNkulunkulu uyagqokisa ibutho laKhe. Haleluya! Luhlobo bani lwezikhali esizisebenzisayo? UMoya weNkemba, iLizwi likaNkulunkulu! Ameni! “ILizwi likaNkulunkulu libukhali kulenkemba esika nxa zombili,” AmaHebheru 4, “liyahlaba lize lehlukanise ithambo, loba u—umnkantsho wethambo, lokuba nguDaluli wemicabango yengqondo.” ILizwi likaNkulunkulu!

Ukukholwa iLizwi laKhe, futhi yiyo indlela uNkulunkulu ahlomisa ngayo.

153 Yikho lokhu Akunikeza uEva ukuthi azihlome ngakho. Futhi wasesephula isikhali sakhe. Wakwenza njani? Ngokuvula ingqondo zakhe ekuzindleni. Wena awuzindli ngeLizwi likaNkulunkulu. Kalila zindlo. Wena... kuliLizwi likaNkulunkulu nje. Akula—akula kuthandabuza mayelana ngaKho. Akula kuthandabuza Ngalo. KuliLizwi likaNkulunkulu. Lokho kuqeda indaba. Lokhu sekukutholile. Lokho kuyakuqeda kokuphela.

154 Bona engikutshoyo, sithandwa? [Udade ogulayo uthi, “Ameni.”—Mhl.] KuliLizwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu wakuthembisa. UNkulunkulu watsho njalo.

155 Bathi kuAbrahama, “Ukwazi njani ukuthi uzakuba lomntwana lowo?”

“UNkulunkulu watshonjalo.” Lokho kwayiqeda indaba.

“Awu, kungani ungelakho?”

156 “Kangazi ukuba ngizamthola nini, kodwa ngizamthola. UNkulunkulu watsho njalo. Lokho akungimisi ngitsho lakancane.” Yena wab-...

157 “Kungani ungabuyeli emuva ekhaya lakho, lapho ovela khona?”

158 “Kumele ngibe yisihambi lomfokazi kuleli lizwe.” Ameni!...?... “UNkulunkulu wanikeza isithembiso. UNkulunkulu uzakupha umntwana khona kulendawo lapha Yena angithuma khona.” Haleluya!

159 UNkulunkulu uzakusilisa khona kulowu umumo kaMoya oNgewele, lapho Yena akuthume khona. UNkulunkulu uzakukunika. Kukholwe khona nje. Ameni. Vula lawo matshimini omphefumulo lomzimba, lemizwa, lonembeza, futhi nje utshiye iLizwi likaNkulunkulu lingene kuqala, thatha ingqondo leyo. Nanso ke inkundla yempi.

160 Hatshi uthi, “Awu, nxa ngingakuzwa, nxa ngingezwa inkazimulo kaNkulunkulu isehla! O!” Lokhu kakulani lakho; ngitsho ulutho.

161 Vula ingqondo leyo. Yiyo inkundla yempi. Yikho lapho impi ehlelwa khona, khona phakathi lapha emzileni waphambili, ingqondo yakho. Ivule, futhi uthi, “Ngi...Konke ukuthandabuza, ngiyathandabuza ukuthandabuza kwami.” Ameni. “Ngiyathandabuza ukuthandabuza kwami khathesi. Ngiyakholwa iLizwi likaNkulunkulu. Nanko ngisiza, Sathane.” Enye into izakuthatha indawo. Sibili, izakwenzakala. Yebo, mnumzana.

162 Yena uyagcoba inceku zaKhe ngoMoya waKhe. Yena uyathumela zona ingilosi. Abantu bakwenza inhlekisa lokho, kwezinye izikhathi, “ingilosi.” Make ngi—make ngivule

kwenye into lapha nje kanye lani, okomzuzu nje. Asivuleni kumaHebheru, okomzuzu nje. AmaHebheru isahluko 4, isahluko 4, futhi asi... Ngitsho, isahluko 1 amaHebheru, futhi sivuleni kundima 14.

*Azisibo yini zonke omoya abasebenzayo, abathunywe bevela... abathunyelwe ukukhonza ngenxa yabo abazakudla ilifa losindiso?*

*... yiyiphi enye yezingilosi athi yena... Hlala wena ngase sandleni sami sokudla...?*

*... zonke ingilosi zikaNkulunkulu... .*

<sup>163</sup> Manje, lapha iBhayibhili liyaphenduka libuye khona futhi lisitshele lapha, ukuthi uNkulunkulu uyathumela ingilosi. Dumo! Ziyikuyini? “Imoya ekhonzayo.” Dumo! Imoya ekhonzayo, ithunywa (ngaphi?) ivela ebuKhoneni bukaNkulunkulu. Ukuthi yenzeni? Ukukhonza iLizwi laKhe. Amen! Akumelanga zitshumayele isayensi yenkolo yeqembu lenhlanganiso yesonto, kodwa ukukhonza iLizwi laKhe. Yikho lokho. “Imoya ekhonzayo, ethunyiweyo.”

<sup>164</sup> Sazi njani iyiyi? IBhayibhili latsho, lokho, “iLizwi leNkosi labuya kubaprofethi.” Kuyikho lokho na? Lezi ingilosi zikhonza iLizwi laKhe, ngoMoya waKhe; zikhonza iLizwi, ngoMoya oNgcwele. Futhi uMoya leLizwi kwabuya kubaprofethi, futhi abaprofethi babe leliLizwi likaNkulunkulu. Yiso isizatho babesenza izimangaliso abazenzayo. Kwakungayisuye umuntu; kwakunguMoya kaNkulunkulu phakathi emuntwini, uMoya kaKhristu phakathi emuntwini. Ngoba iLizwi likaNkulunkulu... Kuyini ayekwenzile? Wageza yonke indlela. UNkulunkulu wayemkhethele, futhi yena wayegcotshwe ngoMoya oNgcwele. Futhi kwakungayisuye. Yena kazange enze ulutho waze walubona embonweni. UElizah wathi, eNtabeni iKhameli, “Konke lokhu ngikwenze ngokulaya kwaKho. Manje, Nkosi, kakwaziwe ukuthi Wena unguNkulunkulu.” O, udumo kuNkulunkulu!

<sup>165</sup> Sengike ngakubona izikhathi ezinengi, lapho ubona uMoya kaNkulunkulu utshaya indawo, futhi leyo ndawo ingene phansi kogcobo! Nxa leliqembu elincinyane phakathi lapha lokhu kusa, nje ukuthatha nje ingqondo leyi lapha, ukhuphe konke ukuthandabuza phandle kwendlela! Ungabe usathandabuzelani futhi, lapho ubona abafileyo—abafileyo bevuswa, iziqhuge zihamba, iziphofu zibona, izacuthe zisizwa?

<sup>166</sup> INgilosi yeNkosi, lomfanekiso waKhe ulengile lapha emdulwini, wenze isayensi yadideka, yonke indawo. Kuyini akwenzayo Yena? Hlala leLizwi. Amen! Liyaquma wonke udeveli. Yebo, Liyakwenza. Kuyikuyini? “Imoya ekhonzayo, ethunywe ivela eBukhoneni bukaNkulunkulu,” ukuzogcoba abakhulumi beLizwi, labo abahlala leLizwi. Futhi Yena

uyaqinisa iLizwi kanye lezibonakaliso zilandela, kuletha uJesu engofanayo izolo, lamuhla, lanininini. Nango Yena lapho.

167 Singathandabuza kanjani, lapho Yena eyikho konke ngokwesayensi, ngokubambekayo, ngokukamoya, yonke indlela okungafakazwa ngayo, Yena uyafakazwa *lapha*?

168 Yini indaba? Kusengqondweni zethu. Siyavula ingqondo zethu kuleyo nto, uthi, “Awu, manje, angazi kumbe kungabanjalo kumbe hatshi. Mhlawumbe, nxa ngingezwa ngcono kusasa.” O, lokho akula nto eyodwa yokwenza lakho.

169 Njengoba ngihlala ngisitsho, uAbrahama wayengabe ethe kuSarah... Wayesedlulile isikhathi so—sokuba ngowesifazana. Liyazi engikutshoyo; yisikhathi sempilo, izinsuku zakhe ezingamatshumi amabili lasificaminwemibili. Bona, wayesengamatshumi ayisithupha lanhlanu iminyaka yobudala. Mhlawumbe waye eseyidlulile, okweshumi lanhlanu, amatshumi amabili eminyaka. Futhi wathi kuye, mhlawumbe, izinsuku ezinlutshwana ezilandelayo, wathi, “Uzwa okwahlukileyo, sithandwa?”

“Ngitsho lomahluko omncane.”

170 “Lokho kakulani okukodwa kokwenza lakho. Siyaqhubeka sisiya phambili, kungenani. Awu, manje, nxa ungaqala emuva njengo—ngowesifazana omncane njalo, siyakwazi, ngakulelo gazi lempilo, yebo-ke, ngakho, siyathola khonapho ukuthi kuzagoqela umntwana, futhi yonke into izalunga. Manje, uzwa umahluko lamuhla na? Sokuyinyanga lokhe Yena wangithembisa. Uzwa ulomahluko na, sithandwa?”

171 “Ngitsho lakancane, Abrahama. Akula ngitsho isibonakaliso akula. Ngi—ngilokhe nje nginjalo njengalokho be—benginjalo okweminyaka emilutshwana eyedluleyo. Akula ngitsho lomahluko omncane.”

“Dumo kuNkulunkulu! Sizakuba lakho, kungenani.”

172 “Utsho ukuthi, uAbrahama, phezu...Khangela, nxa Yena wakuthembisa, ngeqiniso Yena uzasipha isibonakaliso *ngalindlela*. Sibili Yena uzasipha isibonakaliso.” Huh! Haleluya!

173 “Isizukulwana esibuthakathaka lesifebayo sidinga izibonakaliso.” Lokho yikho. Yena wayelesibonakaliso. Kwakuyini? ILizwi likaNkulunkulu. Leso yiso okwakuyisibonakaliso.

174 UNkulunkulu angasilisa njani lumntwana? ILizwi likaNkulunkulu latsho njalo; nxa ngingezwa amadlabuzane, kumbe kungela madlabuzane. Nxa ngi...Kungenani lokwenzakalayo, uNkulunkulu watsho njalo. Lokho kuqeda indaba.

175 UAbrahama wathi, “Thatha amabhonethi akho futhi layonke into ndawonye, sesiphuma sisiya elizweni.”

“Uyangaphi?”

<sup>176</sup> “Angikwazi.” Ameni. “Kodwa, siyahamba, kungenani. Nanko sihamba!” Sephakitshile konke lokuhamba. Haleluya! Lelo yilo iLizwi likaNkulunkulu eliqotho. Kuyini okwakubambile phambi kwakhe? Isithembiso sikaNkulunkulu, iLizwi likaNkulunkulu. “Sizakuba laye.”

<sup>177</sup> “Phuma phakathi kwabantu bakho, Abrahama. Bayiyo, into ekhona yikuthi, bangabathandabuzi futhi abangakholwayo. Bazakufaka enkingeni efanayo. Phuma phandle. Zehlukanise, futhi uphilele Mina.” Kuyini? “Tshiya lonke unembeza lwakho lemizwa ngemuva kwakho, njengalokho. Vula ingqondo yakho, futhi ukhumbule, Yimi. Buya, uphile kanye Lami.” Ameni.

<sup>178</sup> UNkulunkulu ubiza iMbewu yonke kaAbrahama, lokhu kusa, kulolohlobo lokuphila olufanayo. Impi enkulu isiqalile, khathesi, umhlaba wonke. UNkulunkulu ufuna abantwana baKhe bazehlukanise kukuphi? Ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukunuka, ukuzwa; imicabango, unembeza, imikhumbulo, izindlo, ukufisa; yonke into. Vula ingqondo zabo futhi uvumele iLizwi lingene phakathi, futhi limatshe kanye leLizwi. Lelo lisotsha leqiniso.

<sup>179</sup> Yiyo indlela inkanyezi ezimi ngayo. Uhlelo lwelanga aluntshintshanga; izodiyaki. Inkanyezi yokusa iyaphakama khona endaweni yayo yomsebenzi, konke ukusa, khona kanye njengendlela eyenza ngayo nje lapho umhlaba udalwa. Inkanyezi yantambama ithatha indawo yayo; yonke inkanyezi. IXuku eliNcane lenkanyezi, futhi khona esikhathini sesigaba sesikhathi, ikhona kanye nje lapho efanele ibe khona. Inkanyezi yaseNyakatho iyazimela ihlaliseke futhi ayihambahambi. Haleluya! Into yonke iyabhoda iNkanyezi yeNyakatho, zonke ezinye zazo, ngoba yona ikhona phakathi komhlaba.

<sup>180</sup> Lowo nguKhristu. Ameni. Yena uma lapho, alaye ibutho laKhe njengo Kaputeni omkhulu.

<sup>181</sup> Njengo Mose entabeni lezandla zakhe ziphezulu, futhi uIsrael wayesilwa, bequma indlela yabo ngalapho, futhi yena wama lezandla zakhe ziphezulu. Yena wama lezandla zakhe ziphezulu kwaze kwatshona ilanga. Kwakufanele babambe izandla zakhe ziphezulu. Lowo kwakunguMose.

<sup>182</sup> Yena wayengumfanekiso kaKhristu. Ukuba leqiniso ukuthi izandla zaKhe zahlala ziphezulu, izandla zaKhe zabethelwa esiphambanweni. Haleluya! Futhi Yena wakhwela imithangala yeNkazimulo, lamuhla, kanye lezembatho zaKhe ezileGazi phambi kukaNkulunkulu, ngakwesokunene soBukhulu Bakhe Lapho. Futhi impi, kulo lonke isotsha, uyaphendla indlela yakhe. Angilandaba kuyini okuthatha indawo; nge liLizwi likaNkulunkulu, yena uzakuziquma ekukhululekeni. Ameni.

<sup>183</sup> Njengenkukhu iseqandeni, aluba esesaba ukucacada? Aluba esesaba ukucacada iqanda? Aluba inkukhu encinyane

phakathi kweqanda, inyoni encane, yayisesaba ukutshaya ikhasi leqanda? Aluba eyabe ezwe umsindo phandle, uthi, “Ungatshayi lelokhasi, ungazilimaza”? Kodwa imvelo ngokwayo, phakathi enyonini, iyamtshela, “Cacada! Tshaya isikhala phakathi kwakho.”

<sup>184</sup> Yeka zonke izinhlanganiso ezindala zithi, “Insuku zezimangaliso sezedlula. Uzazilimaza. Uzangena ekuhlanyeni.”

<sup>185</sup> Cacada ikhasi, ngamandla wonke owakwanisayo. Haleluya! “Sathane, hamba khatshana! Sengiphuma lapha.” Yikho lokhu. “Angisalali lapha, futhi. Angiyi kuhlala lapha, futhi. Angikho lapha endaweni endala kadeveli. Sengitshaya indlela yami ngiphume, lokhu kusa. Ameni. Ngiyinqungqulu.” Ameni! Haleluya!

<sup>186</sup> Kodwa leyo ngqungqulu encane endala, leyo ntamo esasando esilamandla ngemuva le, itshokola ikhasi lelo. Kungenani ukuthi ikhasi laliqine njani, iyalitshokola kunjalo. Into yakuqala uyazi, khona-ke, uyabhakuza impiko zakhe kancane. Yena kwakumlungele.

<sup>187</sup> Tshokola indlela yakho uphume. Lokho yikho. Ukwenza njani? Ukhalima ngo, “ITSHO KANJE INKOSI. ITSHO KANJE INKOSI. ITSHO KANJE INKOSI.” Ekucineni, uyaqala ukunuka umoya omutsha. “ITSHO KANJE INKOSI.” Usukhuphele ikhanda lakho phandle. “ITSHO KANJE INKOSI.” Fuqa kakhulu khathesi, usuphuma phandle!

<sup>188</sup> Yena akabuyeli emuva ekhasini njalo. Ameni. Yena sekhululekile. O, minabo! Lelo Lizwi lingavele lihlale phansi, ngayo yonke imizwa labonembeza futhi lezinto, ukuthi lihlale phansi *lapha*, futhi leyo ngqondo iyavuleka futhi iLivumele. O Nkulunkulu, woba lesihawu! Akula ngitsho ulutho lokukusa ebugqilini njalo. Ukhululekile. Yena lowo iNdodana esimenze wakhululeka usephandle kwekhasi. Inhlanganiso yesonto yakho ayingeke ikuphendukise. Udeveli angeke enze enye into futhi kuwe. Yena engahwabha futhi akukhonkhothe, njalo-nje.

<sup>189</sup> Kodwa use Mgwaqweni omkhulu, ugijima ngesiqubu esikhulu, o, minabo, ugijima phezu koMgwaqo omkhulu weNkosi, isotsha eligcotshiweyo lesiphambano. Futhi kuyikho konke lina ngqungqulu, kanye lokhobo, limemezela uJesu, ukuKhanya komhlaba, gijima ngoMgwaqo omkhulu weNkosi. Sibili. Yebo, mnumzana!

<sup>190</sup> Leyi yi “mimoya ekhonzayo,” ethunywe ivela eBukhoneni bukaNkulunkulu, ukuba yizikhonzi, ukukhonza (ini?) iLizwi laKhe; hatshi isayensi yezenkolo, kodwa iLizwi likaNkulunkulu. Bayimimoya ekhonzayo, ethunywe ivela kuNkulunkulu, ukukhonza. Imoya ekhonzayo! O! Futhi, khumbula, nxa kukhonza enye into ngaphandle kweLizwi, akuvelanga kuNkulunkulu. Ngoba, “iLizwi laKho lihlezi liqinisiwe isikhathi sonke eZulwini.” Isikhathi sonke, eZulwini, iLizwi

la-...Nkulunkulu uyalikhangela Lona. Futhi Yena akasoze athumele umoya ukukhonza enye into ngaphandle kweLizwi.

<sup>191</sup> Yena akasoze athumele umoya olenkalakatha zabakhulu oD.D.D., Ph.D., lekhola yakhe yaphendulelwa yakhangela emuva, yonke into kanjalo, uthi, “Yebo, sibili, insuku zezimangaliso sezadlula. Siyakwazi sonke lokhu.” Hatshi, hatshi. Lokho akuvelanga kuNkulunkulu. Kuphikisana leLizwi. Amen.

<sup>192</sup> Yena uthuma labo abakhonza uMoya weLizwi. Amen.

<sup>193</sup> O, bengile mhlawumbe ezine kumbe ezinhlanu ezinye izinto, kodwa ngizakuyekela kwedlule ngalesi isikhathi, sizakuthatha ngeSonto elandelayo. Konke kuhle.

USathane lamadimoni akhe bagcotshiwe.

<sup>194</sup> Nxa limimoya yezingilosi igcotshiwe ukulilethela iLizwi, ukulibangela ukuthi likholwe iLizwi, manje ungabona lapho owake wezwa khona umprofethi, umprofethi uqobo kaNkulunkulu, esala iLizwi likaNkulunkulu? [Ibandla lithi, “Hatshi.”—Mhl.] Hatshi, mnumzana. Kuyini okwenzakalayo lapho izinhlanganisano zosuku lwabo zaphakama futhi zathi, “Khathesi, usuphambukile”? Yena wazimela ngokwakhe, futhi wama yedwa. Yena wathi, “Kulungile.”

<sup>195</sup> Khangela uMikhaya phansi-le lolosuku, lowomgiqiki ongcwele omcane, bona, indodana kaImla. Kwaku labagcotshiweyo abangamakhulu amane, ababecatshangelwa njalo, abaprofethi abagcotshiweyo bemile phezulu lapho, bonke bondliwe kahle, futhi balungiswa, futhi lamakhulu kakhulu amadigri, futhi izifundi ezilemfundo ephakemeyo lelolongekileyo. Zathi, “Yenyuka, nkosi yethu ethembekileyo. Inkosi ibe lawe. Lingelethu. UJoshua wasinika lona. Ngakho-ke yenyukani futhi lilithathe. Lokhu yikho kanye. Yenyukani futhi lilithathe. Kuyini . . .” Wathi, “Awu, uJosh- . . .”

<sup>196</sup> Uyazi, uJehoshafathi wathi, “Akula omunye oyedwa, kwenye indawo?” Yebo, babe lamakhulu amane. Kungani lingakholwa amakhulu amane? Yena wathi, “Kodwa, sibili ulaye omunye oyedwa, kwenye indawo.”

<sup>197</sup> Wathi, “Ngi—ngi . . . Yebo, silaye oyedwa. Ukhona omunye oyedwa, kodwa, o, ngiyamzonda yena.” Huh! Bona?

<sup>198</sup> “Lapho—lapho, yiyo indoda engingathanda ukuyilalela, bona.” Wathi, “Mletheni yena. Asiboneni ukuthi uzakuthini.”

<sup>199</sup> Futhi-ke bahamba futhi bamtshela, bathi, “Khathesi, lalala. Wena beka intshumayezo yakho kakuhle, kulokhu kusa, ngoba uyakutshumayeza inkosi. Uyatshumayela ku . . . yonke i—inhlango yabatshumayeli baka *zibani-lo-zibani*, uyabona, wePalestine, yonke inhlango yabatshumayeli. Manje, wena khumbula, nanku lokhu abakutshoyo. Lawe utsho into efanayo. Ukhole into efanayo.” Lokho okuncinyane . . .

200 Yena—yena wayelendoda engayisiyo lapho. Lindoda yayisisukile ekuzindleni kwayo okudala. Yena wayesegezile amatshimini, bona, unembeza wakhe.

201 “Futhi, awu, ngani, uyakwazi lokhu abazakwenza? Nxa ungatsho into efanayo, ngicabanga bazakukwenza umkhulu wesigaba. Mhlawumbe bazakwenza. Baza—bazakukwenza umbonisi wabaphathi omkhulu wesigaba salapho, nxa unga—unga vumelana labo nje.” Lowo kwakungasuye umuntu kaNkulunkulu weqiniso.

202 Ngani, amatshimini akhe ayehlaziwe, unembeza wakhe wonke futhi yonke into isikhutshiwe. Ingqondo yakhe yayivulekile eLizwini likaNkulunkulu. Futhi iLizwi likaNkulunkulu, kuphela, waye elikholwa. Leyo yimoya ekhonzayo. Lowo ngumoya okhonzayo.

203 Yena wathi, “Angikwazi okokutsho khathesi. Kodwa, ngizakutshela leyi into eyodwa, ngizakutsho kuphela lokhu uNkulunkulu angitshela ukuthi ngikutsho.”

Ngakho balindela lobo busuku. Yena waba lombono.

204 Ukusa okulandelayo, ngiyacabanga uMikhaya ekhangele iMibhalo futhi ethi, “Manje, kasiboneni khathesi. Lowo mbono wenza... Manje, wonke lawo madoda, kukhona okuphambukileyo lapha kwenye indawo, ngoba Kuyaphikisana lalokho abakutshoyo. Awu, Khona kwathini? Kasibone lokhu uElija akutshoyo emuva lapha, umprofethi, ngoba siyakwazi yena wayengumprofethi. Bona lokhu... ILizwi leNkosi labuya kuElija. Yebo. Futhi Lathini? ‘Futhi izinja zizakhotha igazi lakho. Jezebeli, izinja zizamudla. Futhi ngenxa kaAhabhu olungileyo... uNabothi olungileyo.’” Yena wathi-ke... Lapho ebona lokho, wabona ukuthi umbono wakhe wawuqondile nje kanye leliLizwi likaNkulunkulu, ngakho-ke, lowo Ahabhu omdala kwasekusiza kuye.

205 Waphuma weza lapho, wathi, “Hambanini. Kodwa ngibonile uSrayeli...” Bona, yena wayengela nhloni ukukhuluma umbono wakhe lesosikhathi, ngoba kwakuliLizwi leNkosi. Wazi wayengathatha into leyo ngokupheleleyo nje. Kuyini? Yena wayevule inhliziyo yakhe, ingqondo yakhe, eLizwini likaNkulunkulu, futhi iLizwi likaNkulunkulu lalembuliwe emuva, ngakho-ke wazi ukuthi kwakuliLizwi likaNkulunkulu ngokupheleleyo.

206 Manje, wena uthi, “O, nxa ngingaba nje nguMikhaya!” Wena ungaba nguye. Wena unguye. Wena unguye, lawe, sithandwa. [UMfowethu uBranham njalo ukhuluma kudade ogulayo—Mhl.] Wena unguMikhaya, umprofethi. Kuyini ongakwenza? Vula ingqondo yakho. Kuyini engizama ukukutshela khona lokhu kusa? ILizwi leNkosi. Bona? Vula ingqondo yakho, uthi, “Khathesi, uyakwazi, ngiyakholwa ngingasiliswa.” Awu,



kuyiKuyini, pho-ke? KuYiLizwi leNkosi na? Sibili, KuliLizwi leNkosi.

<sup>207</sup> Futhi *leyi* ndoda lapha ithi, “Insuku zezimanga sezadlula. Wena awungeke wenze *lokhu*. Futhi wena...” Khohlwa mayelana ngakho. Beka uNkulunkulu kuqala.

<sup>208</sup> Nanto lisiza iLizwi leNkosi, futhi waLikhuluma, futhi Laba njalo.

<sup>209</sup> Manje, kuyini uSathane akwenzayo? USathane waba labanye begcotshiwe. Manje, uSathane uyagcoba izisebenzi zakhe. O, sibili. Uh-huh. Sibili. Yena uyagcoba izisebenzi zakhe. Kuyini abagcoba ngakho? Ngokungakholwa. USathane lamadimoni akhe bagcoba abantu ukungakholwa iLizwi likaNkulunkulu.

<sup>210</sup> Manje, nxa ufuna ukuqinisa lokho, uvule kuGenesis 3:4. Asivuleni emuva nje lapho futhi silalele kulokhu, okomzuzu nje, futhi sibone uba lokhu kungayisilo iqhinga lakhe lakuqala. Yiyo into yokuqala ayenzayo. Yena akatshiyi amaqhinga akhe afanayo. Yena uyakwenza isikhathi sonke. Manje, bona nje ukuthi—ukuthi yikho okuyikho lokho. Manje, kazange aphikisane leLizwi. Yena wabangela nje ukulichaza ngokungayisikho Lona kancane, uyazi, sengathi uLenza nje lizwakale ngendlela ayefuna ukuthi Lizwakale ngayo, ungathathi iLizwi lonke. Manje, uGenesisi, ngilakho lapha, Genesis 3:4. Asiboneni uba kuyikho lokho okutshiwoyo khathesi. Kulungile.

*Futhi inyoka yathi kowesifazana, Kaliyikufa sibili:*

<sup>211</sup> “Kaliyi kufa sibili.” Bona indlela akucaphuna ngayo khonapho? “O, siyakholwa insuku zezimangaliso sezadlula. Asikholwa ukuba kulento enjalo njengabantu besamukela uMoya oNgcwele njenga lokhu abakwenzayo ePentekhosti. O, loba yiphi indlela obhaphathizwe ngayo, akwenzi ngitsho lomahluko.” Bona udeveli? Bona amaqhinga akhe? “Awu, nxa udokotela waktshela ukuthi awungeke usile, lokho kwanele.”

<sup>212</sup> Manje, ayisikho ukweyisa, ukungakholwa udokotela. Udokotela usebenza emzileni wezesayensi. Futhi udokotela usenze yonke into angeyenza, ukuphilisa impilo yomuntu, futhi ingeke iphiliswe, ngoba akula enye into yena ayaziyo ukuyenza. Yena usesekucineni kokuhlakanipha kwakhe. Indoda ithembekile. Kodwa, manje, isihlahla solwazi silungile, kodwa lapho ungafika lapho esiphelela khona, ngakho yehla ukhwele esiHlahleni sokuPhila futhi uqhubeke nje uhamba. Amen. Yikho lokhu. Kuyasebenza kangako. Yebo.

<sup>213</sup> Manje, kuyini okwenza uSathane amaqhinga akhe khathesi? Kuyini akutshoyo lapha? Manje khangela i1 futhi le—le ndima 2. Manje mangi—mangi ngibale indima 1 lapha, kusiya ku 3.

*Manje inyoka yayilobuqili kakhulu ukwedlula zonke, izilo zeganga lezo iNkosi uNkulunkulu ayezenzile. Futhi*

*yasisithi kowesifazana, Yebo, uNkulunkulu utshilo yini, Kumele lingadli. . .sonke isihlahla sesivandeni?*

214 Lilalele kuye khathesi, ukuthi yena nje wayesesiba mubi njani, futhi yena u—yena uliphambukisa njani iLizwi lelo. Bona? Yena. . .Kuyini azama ukukwenza? Ukungena engqondweni yakhe. Bona? Yena ukhuluma laye, emva kokubana iLizwi selibiyelwe lapho.

215 Manje, ungamvumeli uSathane ebiyela ulutho. Bona? Wena gcina iLizwi likaNkulunkulu libiyelwe enhliziyweni yakho. Bona? Wena yenza okufanayo. Manje khangelani, lina boMikhaya.

*. . .owesifazana wathi enyokeni, Singadla okwesithelo sezihlahla esivandeni: kodwa i. . .*

*Kodwa okwesithelo sezihlahla esiphakathi (phakathi, bona) kwesivande, uNkulunkulu. . .wathi, Aliyikudla kuso, njalo aliyikusithintha, ukuba lingafi.*

216 Bona, manje, yilo iLizwi. Uyalicapuna Lona elibuyisela kuye. Manje khangela.

*Futhi inyoka yathi kowesifazana, Kaliyi kufa lokufa:*

217 Bona iqhinga lakhe? Bona? Kuyini azama ukukwenza? Lowo muntu wakuqala, yena uzama ukugcoba lowo wesifazana oligugu lapho, indodakazi kaNkulunkulu, kanye lokungakholwa eLizwini likaNkulunkulu. Yikho kanye azama ukumenza ukuthi akwenze.

218 Yikho lokho azama ukukuthola ukuthi ukwenze, sithandwa. [UMfowethu uBranham uyakhuluma futhi kudade ogulayo—Mhl.] Yikho lokhu azama ukuthola omunye lamunye wenu ukuthi akwenze, phandle-le, ukuligcoba. Futhi into kuphela okufanele uyenze khathesi. . .Wena ulenkululeko yokuzikhethela. Manje ungakwamukela khona nxa wena ufuna ukukwamukela. Kodwa kukhahlelele phandle. Nxa uEva engazange wema lesi sikhathshana, ukulalela! Ungameli lutho. Ungami.

219 Lapho—lapho uElija etshela uGehazi, wathi, “Thatha intonga yami, hamba uyeyibeka emntwaneni ofileyo. Futhi loba nguphi umuntu ongakhuluma kuwe, ungamphenduli. Loba ngubani ozama ukukumisa, qhubeka nje uhamba.”

220 Khangelana owesifazana lapho ebiza isisebenzi sakhe. Yena wathi, “Bopha imbongolo futhi uqhubekele phambili, futhi wena ungaqali ukuma ngize ngikutshele.” Yikho lokhu.

221 Lapho usuthole uMbiko, qhubeka uhamba. Ameni. Uthi, “Angisenelisi ukuhamba njalo. Hatshi, sengiphela amandla.” Qhubeka nje uhamba. Ungami. Ubeka yonke into eceleni, qhubeka nje uquma uphume. Mfowethu, ulayo iNkamba esandleni sakho, qhubeka nje ugamula.

222 Ngahamba okudlalwela khona inguqu, kwesinye isikhathi, futhi ngangisiya tshumayela. Futhi ngama emnyango futhi ngakhangela phezulu, phezulu le. Kwakusithi, “Kayisibo bukhulu benja ekulweni. Yibukhulu bokulwa enjeni.” Ngakho yikho okunqoba impi. Bona?

223 Wena uthi, “Awu, khangela. Khangela kuwonke amabandla amakhulu alwisana laLokhu.”

224 Angila ndaba lokuthi makhulu okunganani. Kuyikulwa okuphakathi kwenja, yikho lokhu okubalwayo. Kulukholo phakathi emuntwini ngamunye. Nxa uligwala, buyela emuva egodini lokugudumala kwakho. Kodwa, mfowethu, nxa ulisotsha, mana lapho. Kulempi ekhona. Okuhle lokubi kuyabindana. Asilweni.

225 Njengo Peter Cartwright, waya edolobheni, wathi, “iNkosi ingitshelile ukuthi—ukuthi ngize lapha futhi ngibe lemvuselelo.” Yena waqhatsha indawo yokugcina izinto endala, wangena phakathi lapho futhi waqala ukuyithanyela.

226 Futhi lowo umkhahlamezi omkhulu wasedolobheni, lombhobho omncane ulenge eceleni kwakhe, wahamba phansi. Wathola iminyango . . . Abanye babo, bathi, “Leyo ndoda yenzani phansi lapho?”

227 Wathi, “Ungumtshumayeli. Yena uzakuba lomhlangano, yena watsho.”

228 “Awu,” yena wathi, “ngicabanga nje ngizakwehla phansi futhi ngimphosele phandle esitaladeni, futhi ngimxotshe asuke lapha. Yikho kuphela. Asifuni mihlangano khona lapha endaweni yethu.”

229 Ngakho wehla phansi esiya lapho, wakhahlela umnyango ngodlakela. Futhi uPeter Cartwright wayegqoke ijazi lakhe, liyazi, futhi wayegezisa amafasitela lemiduli phansi. Indoda elomzimba omncane, uyazi.

230 Umtshumayeli omdala wamhleka, uyazi, ngokudla inkukhu ngezandla zakhe; okumayelana lomkhuba wokudla walamhlanje, uyazi.

